# *Ukubheka Kokungabonwayo*

Kubukeka kukuhle ukubuyela endlini yeNkosi kulobubusuku, emva kobusuku obumangalisayo kanje njengoba ubusuku bayizolo bebunjalo. Futhi sibe nesikhathi esimangalisayo, lobubusuku obubili noma obuthathu bokugcina lapha esakhiweni, futhi sibonga uBaba wethu waseZulwini ngakho. Imiphefumulo ibizalwa eMbusweni kaNkulunkulu. Futhi imibiko emihle kanje evela ezinkonzweni zokuphulukisa!

2 Futhi sisanda kuthola izwi esikhathini esedlule, ukuthi intombazane ebivela ndawana-thize enhla ngaphezu kwalapha, edolobheni elithize, ebikade inelukhemiya isifo sokushodelwa yigazi, ngenkathi . . . imenyezelwe ukuthi iyaphila, namhlanje, ngudokotela wayo, ukuthi i—ingane iyaphila. E-hhe. Futhi ba . . . Ibizoba yisithunywa senkolo. Niyalukhumbula udaba. Futhi—futhi uSathane ubezama uku—ukuyiphanga okunjalo. Futhi kushiwo ukuthi iphile saka, ngokuvela kudokotela wayo.

3 Futhi umfundisi oyimpumputhe obelapha ukuba emukele ukubona kwakhe, nabanye! Futhi kukhona izinto ezinkulu nje iNkosi ezenzayo.

4 Manje, izolo kusihlwa ngithathe iqembu ngalifaka egumbini lokukhuleka phakathi lapha, ukuze nje ngibone ukuthi inkonzo entsha ebithenjisiwe ukuthi izobakhona etabernakele lapha, ngaphambi kokuba sishaye itende. Awu, manje, ngokwazi kwami, bekungekho lutho nje kuno . . . Ngokushesha nje lapho ngingene lapho, uMoya weNkosi ungenile, futhi Uqale nje ukwahlukanisa omoya, futhi etshela abantu ngezinkathazo zabo nokunye nokunye.

5 Kodwa, ngiyamangala. Ngibuze labobantu, ukuthi ibikhona yini indlela enokwenzeka yabo ukuba bahlale. Ngizothanda nje ukubabuza uma belukhona ushintsho kubo. Uma bezwa ukuthi sebephulukisiwe, noma yiluphi ushintsho olubonakalayo nganoma iyiphi indlela; ngibabuzile, kulobubusuku, uma ngingababiza, uma bengangena esakhiweni, ngithanda ukuba baphakamise isandla sabo. Manje, uma belapha, futhi bengadingekanga ukuya ekhaya, bonke bebengabantu bangaphandle kwedolobha. Futhi uma bengadingekanga ukuya ekhaya, futhi ungene ngaphakathi kwesakhiwo, futhi uyezwa ukuthi kube noshintsho olukhulu, ungasiphakamisa isandla sakho. Labo, ukuthi, uma noma ubani lapha obesesakhiweni izolo ebusuku, okhulekelwe emuva lapha. Njengoba ngingaziboni izandla, angazi noma abantu bebengahlala yini.

6 Lapho, oyedwa, oyedwa emuva lapha. Kulungile. Oyedwa lapho. Awu, lokho kuhle kakhulu. Uzwa ukuthi kube noshintsho, ngabe kunjalo, mnumzane, wena obambe isandla sakho na?

[Umfowethu uthi, “Yebo. Bengivukile, usuku lonke.”—Umhl.] Awu, kuhle lokho. [“Ngiyagoba. Angibanga nasidingo somuthi ngakho, usuku lonke, noma, awu, izolo ebusuku.”] Si . . . Lokho kuhle kakhulu, futhi siyabonga. Bekungekho lutho olubonakalayo ebesingalubona, niyabo. Ngoba . . .

7 Futhi bekukhona i—inenekazi egumbini, ebelikhathazwa yisimo sengqondo. Futhi uMoya oNgcwele uqala ukukhuluma kulo, futhi ulitshela izinto ezathatha . . . ezazenzekile empilweni yalo, lapho elicabange ukuthi kwakukhona okwakwenzekile kulo, obekungenzekanga. Futhi ngiqagele, uma umfowethu ekhona, lowo okhona, okwaziyo lokho. Wase-ke Uqala ukumtshela ngomuntu owayenentshebe ende, nezinwele ezinde, owayemkhulekele. Wayenzile . . . kwasuka kuye, wathi, “Qhabo.” Futhi-ke ukukhombisa ukunemba nokuphelela kukaMoya oNgcwele, Wabuyela emuva futhi, futhi wathatha umuntu, futhi wabatshela ukuthi bekungubani, nokuthi kwenzekaphi lokho. Khona-ke wathi, “Ngiyakhumbula manje.” Lokho sekube yiminyaka eminingi edlule. Kanjani ukuthi ukupheleliswa kukaMoya oNgcwele! O, Unguye ngempela!

8 Manje, siminyene, futhi nje lomhlangano omncane lapha, ngaphambi nje kokuba ngiphinde ngihambe. Futhi bengijabule kakhulu kulobubusuku, ukuhlangana, njengoba ngingenile nje, umngane omdala, uMfowethu Rogers, ovela ezansi eMilltown, e-Indiana. Nabangane esekuyiminyaka ngingababonanga. UMfowethu Creech futhi, ubelapha izolo kusihlwa.

9 Futhi namuhla, ezingxoxiswaneni, uMoya oNgcwele ubumangalisa, namuhla. Futhi kubonakala sengathi mhlawumbe kuzoqhubeka isikhashana nje, kuze kungene lelothende, phezulu ngaphansi kwenkonzo efanayo engibe nayo. Ngoba, ezingxoxiswaneni namuhla, kube khona imibono emine emikhulu evelele eyenzekile, ezingxoxiswaneni. Ngakho-ke, ngokusobala, mhlawumbe, ngizoqhubeka kuze kuthi lokho mhlawumbe ithende liyaqala, noma ngabe kuyini Akhethe ukuqala ukumemezela iGama laKhe ngendlela entsha. Kodwa lapho Ukwenza, kuzophelela nje njengeminye. Kuzoba nje . . . Futhi ngethemba kuNkulunkulu ukuthi uzoba mkhulu kuneminye. Hhayi ngenxa ye—yenkonzo yethu, kodwa ngenxa yabantu abagulayo nabadingayo. Kunesidingo esinjalo ezweni namuhla!

10 Manje sizoqonda ngqo eZwini, futhi ukuze kuthi labo abamile bengeke badingeke bame isikhathi eside kakhulu. Manje, kuqala, ngaphambi kokuba sifunde iZwi laKhe, asikhulume naYe njengomuntu, njengoba sikhothamisa amakhanda ethu.

11 Nkulunkulu othandekayo, siza eBukhoneni baKho obungcwele manje, nezinhliziyo ezithobile namakhanda akhotheme. Futhi sicela Wena ukuba usithethelele nganoma

yini okungahle ukuthi siyenzile, noma—noma esiyicabangile, noma esiyishilo, kulolusuku, obekuphambene neNtando yaKho. Besizocela ukuthi Ubuzosixolela ngomusa sonke.

12 Futhi sibuthene kulobubusuku kungesikho okwenye inhloso ngaphandle kokukhonza Wena, nokuzwakalisa imizwa yethu nokudumisa kwenhliziyo yethu kuWe. Futhi siqinisekile, Nkosi, ukuthi lenhlangano encane yebandla eliminyene kulezizindonga ezincane kulobubusuku, alizanga lapha ukuba libonwe. Abazile lapha okwenye inhloso ngaphandle kokuzwakalisa uthando lwabo kuWe. Bebengeke bame ngaphandle bazungeze amafasitela, futhi bazungeze izindonga, nezitho zabo zitshutshumba, ukuze nje babonwe. Balapha ngoba bayakholwa, ukuthi, "Wena ukhona, futhi ungumvuzi walabo abazoKufunisisa ngenkuthalo."

13 Sizocela ukuthethelelwa kwaso sonke isono sabantu. NaMandla aphulukisayo ukuba alethwe phezu kwabagulayo nabadingayo. Futhi siyaKucela ukuba ubusise iZwi laKho, Nkosi, njengoba siLifunda. Asenele ukuhumusha leliZwi. Ngakho-ke kwangathi uMoya oNgcwele ungeza, futhi ungene ngqo eZwini, futhi uLitshale lijule ezinhliziyweni zabantu. Futhi kwangathi, ngalokhu, kungaba khona isivuno esikhulu semiphefumulo nenkonzo enkulu yokuphulukisa. Siphe khona, Nkosi, ngokuba sicela lokhu ngokuzithoba eGameni likaJesu. Amen.

14 Okokufundwa komBhalo, kulobubusuku, ngifisa ukufunda eNcwadini yamaKhosi esiBili, siqala evesini 8. Nendikimba yami kulobubusuku ithi: *Ukubheka Kokungabonwayo*.

15 Ubusuku bokuqala, bengishumayela ngendaba ethi: *UkuMkhuphula Aphume EMlandweni*. Futhi ubusuku besibili, izolo ebusuku, bengishumayela ngendaba yokuthi: *Kwakungenjalo Kwasekuqaleni*.

16 Futhi, kulobubusuku, indikimba yami ithi: *Ukubheka Okungabonwayo*. Manje, amaKhosi esiBili, isahluko 6, siqala evesini 8.

> *Inkosi yaseSiriya yayisalokhu ilwa no-Israyeli, yelulekana nezinceku zayo, ngokuthi,* Siyakumisa *endaweni ekuthinithini.*
>
> *Umuntu kaNkulunkulu wathumela enkosini yakwa-Israyeli, ethi, Qaphela ukuba ungadluli kuleyondawo; ngokuba amaSiriya aseyaphumula khona.*
>
> *Inkosi yakwa-Israyeli yayisithuma umuntu kaNkulunkulu* kuyo *indawo ayishoyo wayixwayisa ngayo, yazisindisa lapho, kungekanye kungekabili.*
>
> *Inhliziyo yenkosi yaseSiriya yayiphethwe itwetwe ngenxa yalokhu; yabiza izinceku zayo, yathi kuzo,*

Ningengikhombise *yini ukuthi obani abakithi abavuma inkosi yakwa-Israyeli na?*

*Enye yezinceku zayo yathi, Hayi, nkosi yami, O nkosi: kodwa* u-Eliya, *umprofethi okwa-Israyeli,* yena *uyayitshela inkosi yakwa-Israyeli amazwi owakhuluma ekamelweni lakho lokulala.*

*Yathi, Hambani nibone lapho ehlezi khona, ukuba ngithumele ngimlande. Watshelwa, ukuthi, Bheka, useDothani.*

*Wathumela khona amahhashi, nezinqola, nempi enkulu: bafika ebusuku, bakaka umuzi nxazonke.*

*Isikhonzi somuntu kaNkulunkulu sesivukile ekuseni, futhi. . .*-sedlula *umuzi kabili. . .amahhashi nezinqola. Yayisithi inceku kuye, Maye, nkosi yami! siyakwenza kanjani na?*

*Wathi, Ungesab: ngokuba* lapho *abanathi. . .baningi* kunalabo*. . .kunabo.*

U-Eliya *wakhuleka, wathi, NKOSI, ngiyakunxusa, vula* lokhu*. . .vula amehlo ayo, ukuba ibone. INKOSI yavulake amehlo aleyonceku; yabona: futhi, bheka,* izintaba *zazigcwele amahhashi nezinqola zomlilo. . .*u-Eliya.

17 Manje kwangathi iNkosi inganezela izibusiso zaYo ekufundweni kweZwi laYo.

18 Kuyinto eyisimanga ukuthi umuntu owenziwa ngomfanekiso nokufana noNkulunkulu, futhi wabizwa nguYe ukuba ahambe ngokukholwa, ekholwa ukuthi uNkulunkulu unguye, ubengakhetha ukuhamba ngokubona esikhundleni sokukholwa; emva kokwakheka kwakhe, ubuntu bakhe, nakho konke okuhlala kuye kwabunjwa ngomfanekiso kaNkulunkulu. Futhi uNkulunkulu uyilowoJehova omkhulu Obiza lezozinto ezazingekho, ngokungathi zazikhona. Futhi umuntu, wenzelwa ukuba aphile noNkulunkulu ngalendlela, nokho ukhethe ukuhamba ngokubona kwakhe. Ufuna ukuba ngubasi wakhe uqobo. Akafuni muntu ozomtshela ukuthi enzeni. Leyo nje yimvelo yomuntu. Yafakazelwa ukuthi injalo ensimini yase-Edene, lapho ayelahlekelwe khona inhlanganyelo yakhe noNkulunkulu, ngokukhetha ukuhamba ngendlela yakhe uqobo, angabi namuntu obusa phezu kwakhe.

19 Kodwa umuntu wenziwe njengemvu. Futhi imvu ayikwazi ukuthola indlela yayo yokubuyela emuva, ngiyatshelwa. Lapho ilahlekile, ilahleke ngokuphelele. Futhi kungaleyondlela ngomuntu. Lapho elahlekile, akanasizo ngokophelele. Ufanele abe nomelusi wezimvu ukuba amhole.

20 Futhi umuntu, lapho ekhetha, njengoba izinsuku ziqhubeka, sithola umuntu eqhubeka eba mubi kakhulu, ekhetha ukuhamba ngokubona kunokukholwa, ngoKungabonwayo. Futhi uma enza

lokho, uphanga umuntu wangaphakathi, ongumphefumulo. Futhi leyo yingxenye ePhakade yomuntu.

21 Manje, "Umuntu akayikuphila ngesinkwa sodwa," kwasho iNkosi, "kodwa ngawo onke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu."

22 Futhi isidalwa esingokomzimba somuntu, ukuba sinakekelwe, akusona sonke isizathu uNkulunkulu ambekela sona emhlabeni, ngoba lokho akwenzayo ngalesisidalwa esingumzimba kusho okuncane kakhulu. Ngumphefumulo wakhe, okubalulekile. Ngumuntu wangaphakathi, ongavelanga emhlabeni. Wavela eZulwini, futhi leyo yingxenye yaPhakade yesidalwa esingumuntu.

23 Kodwa, nokho, kuyamangaza ukuthi uzama ukuthola indlela yakhe yokuphuma. Futhi sikuthola kunjalo emiBhalweni, ukuthi, uma umuntu ekhetha ukuhamba ngendlela yakhe uqobo futhi enza ngendlela afuna ukwenza ngayo, uNkulunkulu nje umyeka kanjalo.

24 Umuntu akafanele azicabangele yena, kodwa ufanele avumele umqondo owawuKristu ube kuye. Asifanele sizicabangele thina. Sifanele sibize noma yini ephambene nalokho Akusho ngokungathi akunjalo. Kungakhathaleki ukuthi amehlo ethu asho ukuthi yini, asiphili ngalokho esikubonayo. Siphila ngalokho esikukholwayo.

25 Ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, bengilalele uhlelo emsakazweni, ngiza esikoleni sangeSonto, futhi kwakungumhlangano oyinguyazana, nenjejane, eLouisville. "Yini enye yezinto ezibaluleke kakhulu na? Kwakungukuba intombazane ithole umfana onezinwele ezisongekile; noma, umfana, intombazane enamehlo amahle aluhlaza-sibhakabhana noma amehlo ansundu na? Ngabe lokho kuyawenza umehluko na?" Kubonakala sengathi lokho bekungaba yinto enkulu kwinjejane. Kodwa lokho akuyona into enkulu ukwedlula zonke.

26 Into enkulu kunazo zonke ngukuthi, thola uNkulunkulu wakho, uMenzi wakho. Ungaxubanisi umshado. Shada nomfana okholwa ncamashi njengawe. Ngoba, emva kwakho konke, uNkulunkulu uyinto esemqoka kakhulu esiyizele emhlabeni ukuba siyenze, ukukhonza Yena. Futhi uma ushada noma yini ephambene naLokho, uzokukhokhela ezinsukwini ezikuhlalele ngaphambili. Ufanele ukhumbule njalo, "ngokukholwa," futhi hhayi ngokubona. "Olungileyo uyakuphila ngokukholwa." Futhi sibheka Kokungabonwayo.

27 Futhi singahle siqhubeke amahora amaningana, sikhuluma ngosuku lwesimodeni, ukuthi kanjani abesilisa nabesifazane, namhlanje, babukeka kanjani ngokuphelele. Futhi behla ngesitaladi, futhi bazokhetha ibandla abazofanele baye kulo, futhi bakhulise abantwana babo kulo. Futhi bazolicinga ngapha

ngasedolobheni, bengazami ukuthola ibandla elingelikamoya kakhulu, kodwa ibandla elikhulu kunawo wonke abangalithola, lelo eline—ne—nezixuku ezinkulu kunazo zonke, nabagqoka kahle ukubedlula bonke, nosaziwayo bedolobha baya kulelibandla elinjalo, lapho elibizwa "ngezinga elingcono," ngokwazi kwabantu. Bese kuthi-ke, kulelobandla, bazozama ukuthola umfundisi lowo o, lokho abakubiza ngokuthi, "ongenangqondo encane," ozothi ukubavumela nje baphile nganoma iyiphi indlela abayifisayo, futhi basonte kulelobandla.

28 Kepha umuntu wokomoya, ngaphakathi, uma umnika indlela eqondile, angahle akuholele emishini encane ndawana thize, lapho kungekho khona abantu abaningi, kodwa kukhona uMoya kaNkulunkulu ophilayo. Ngokuba, umuntu wangaphandle uzondla ngenjulamqondo nobuhlakani, kodwa umuntu ongaphakathi uzondla ngeZwi likaNkulunkulu.

29 Futhi manje uma besingaphenya, emaBhayibhelini ethu, kwabaningi abalingiswa bomBhalo, bekungasithatha amahora ukudlula kukho. Kodwa ake sicabange nje ngeNcwadini yamaHeberu, isahluko 11, imizuzu embalwa. Futhi siyafunda lapha, ukuthi u-Abrahama, wayengumuntu nje, futhi wayehlala emzini wase-Uri ezweni lamaKhaledi. Futhi umuntu ojwayelekile nje wohambo lwansuku zonke, kodwa ngelinye ilanga wahlangana noNkulunkulu. Futhi u-Abrahama waguqulwa, kusukela ngalolosuku kuqhubeke. Akunandaba ukuthi wayelihambela kahle kangakanani ibandla lakhe, ibandla likayise, kodwa, lapho ayehlangane noNkulunkulu kanye, wayengumuntu oseguqukile.

30 Futhi ngiyakholwa ukuthi lokho akukayeki ukuba khona nokho nnaamhlanje. Indoda ingahle ibeyilungu lebandla elithembekile. Ingahle ihambe iqondile phambi kukamakhelwane wayo nomndeni wayo, kodwa, lapho ihlangana noNkulunkulu, iyindoda eguqukile.

31 Esikhathini esithile esedlule, ngiyakhumbula ngikhuluma nomuntu oyisihlakani, owathi, "Uyoke wazi kanjani ukuthi kukhona noma yini okwehlukile kunalokho noma iyiphi inkolo ebingakuveza na?"

32 Ngathi, "Ngafunda, eBhayibhelini, ngoNkulunkulu ophilayo. Ngafunda ngobuhle baKhe. Ngafunda ngokubekezela kwaKhe naMandla aKhe. Futhi ngiyakukholwa lokho nje njengoba nje noma ngubani engakukholwa. Kodwa ngeliny'ilanga ngahlangana naLowo engafunda ngaye, khona-ke kwabakhona uguquko olungazelele. Futhi angiphindanga ngaba ngofanayo kusukela lapho, futhi ngiyethemba angisophinde." Into ethize iyenzeka. Lapho ukubona kuhluleka ukukuveza, ukukholwa kulapho ukubamba indawo futhi kukuveze.

33 Futhi siyabona ukuthi, u-Abrahama, wayengesiyona insizwa ngenkathi lokhu kwenzeka. Wayeyikhehla,

eneminyaka engamashumi ayisikhombisa nanhlanu ubudala. Nomkakhe, uSara, owayengudadewabo ingxenye; futhi babekade sebeshadile eminingi, iminyaka eminingi, kusukela eseyintombazane cishe eneminyaka eyishumi nesikhombisa, kuyakholwakala. Futhi uNkulunkulu watshela u-Abrahama, "Ngikukhethile wena noSara, ukuthi uzoba nomntwana." Futhi uSara wayekade eyinyumba, impilo yakhe yonke. Kodwa u-Abrahama akazange abheke kulokho amehlo akhe ayengakubona, isalukazi esishwabeneyo, esedlule ngeminyaka eminingi isikhathi sokuphila, ukuba abe nabantwana, kodwa wabheka Kokungabonwayo, futhi wabona u-Isaka. Ngokukholwa wabona u-Isaka. Futhi yena, ngemva kokubheka Kokungabonwayo, "Wabiza lezozinto ezingekho, ngokungathi zazikhona." Wathola ukujeqeza Okungabonwayo. Ngokukholwa wakubona. NeBhayibheli liyasho, ukuthi, "Wakhuthazela, sengathi uyambona uNkulunkulu ongabonwayo naye," yonke indlela.

34 Uma umuntu eke wabamba lowombono kaNkulunkulu ongabonwayo, futhi azi ukuthi Uhlala ekhona njalo, kukhona okuthize okuqinisa ukucabanga kwalowo muntu. Kuqinisa izenzo zakhe. Futhi ngesikhathi sosizi nenkathazo, kuyoqhubeka kumenza abheke phezulu nangaphezu kwezinto ezenzeka ngakuye, ngoba ubheka Kokungabonwayo, nokho, ngesithembiso.

35 Manje, kanjani u-Abrahama, hhayi ukuthi kuphela wabona Okungabonwayo. . .Futhi isizathu sokuthi wakukholwa, kwakungenxa yokuthi uNkulunkulu wakusho. "Futhi uma thina sifile kuKristu, siyiNzalo ka-Abrahama. Futhi uma uMoya owawukuKristu uhlala kithi, Wenza into efanayo. Uthatha sonke isithembiso sobuNkulunkulu esiseBhayibhelini laKhe, futhi Usibiza ngenkathi yamanje, futhi Uzihlalele phezu kwalapho.

36 Lapho, uma ubheka khona, ngamehlo akho, futhi uyabona manje ukuthi isizwe sakithi siyazamazama futhi siqhaqhazela. Amafu ezimpi andiza yonke indawo; sonke isizwe esingaphansi kosizi nokudideka kwesikhathi. Sonke isibonakaliso, uJesu athi siyokwenzeka, siyenzeka. "Kuyoba khona izibonakaliso ezulwini ngaphezulu nasemhlabeni ngaphansi." Futhi izinto ezinkulu zizobe zenzeka, njengamasoso andizayo nezinto eziyimfihlo zenzeka.

37 Kodwa Wayala iBandla laKhe ukuba baphakamise amakhanda abo, ngalolosuku, futhi babheke phezulu, ngokuba uKristu ongabonwayo uzobonakala maduze nje. Ngakho-ke uma sihamba ngokubona kuphela, besiyoba abantwana bobumnyama, ngokwenele impela manje. Kodwa ngiyajabula kakhulu ukwazi ukuthi kukhona ukuKhanya okukhanya enhliziyweni yalo lonke ikholwa, kuze kube yiloloSuku lwaPhakade lapho uJesu eyofika khona.

38 Manje kuyisifundo kithi, ukubheka lokho u-Abrahama akwenza. Futhi-ke akusikho ukuthi wakukholwa kuphela, kodwa wakulungiselela. Wenza amalungiselelo e. . .lomntwana ambona ngokukholwa, iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu ngaphambi kokuba umntwana aze afike. Ngoba, wayecabange ukuthi Lowo Owamtshelayo, wayekwazi ukugcina isithembiso Ayemtshele sona. Akazange acabange noma iyiphi imvelo yakhe, eneminyaka eyikhulu ubudala, emzimbeni wakhe wenyama, noma akacabanganga, nhlobo, ukufa kwesizalo somkakhe, uSara. Futhi umbhali ohlaziya okobuNkulunkulu uyasitshela, ukuthi, "Akangabazanga ngesithembiso sikaNkulunkulu ngokungakholwa; kodwa waqina, enika uNkulunkulu udumo." Umuntu onjena pho!

39 Futhi, namuhla, asikho isidingo, asikho isidingo sokuzama ngisho ukusondela kukho ngokukholwa kobuhlakani. Awusoze wakwazi ukukwenza. Uyohamba usuka ebandleni uye ebandleni, futhi usuke emgqeni womkhuleko uye emgqeni womkhuleko, futhi ungalokothi ukuthole. Ufanele ufike endaweni lapho kuxazululwe iPhakade, kwaba kanye. Kuphakathi kokuthi nguNkulunkulu, noma aKasiyena uNkulunkulu. Ebazwela abantu; njengoba bengikhuluma izolo kusihlwa.

40 Futhi uJesu wathi, "NgingumVini, futhi nina ningamagatsha." Futhi uMvini wathela igatsha lokuqala. Negatsha lokuqala kwakuyipentekoste, nesibusiso sepentekoste silotshwe eNcwadini yeZenzo. Futhi uma igatsha lokuqala laliyipentekoste, igatsha lesibili lizodingeka libe yipentekoste nalo. Futhi lizofanele lithele uhlobo olufanayo lweBandla nokuziphatha igatsha lokuqala elakuthela.

41 Akazange yini uJesu akhulume ngalokho kuJohane oNgcwele 14, lapho Athi igatsha elingathelanga isithelo liyonqunywa, liyobuna na? Yilapho amahlelo ethu namhlanje ekhona, ayonqunywa asuke eMvinini.

42 Elithela izithelo kuphela, uhlobo oluthela izithelo nemisebenzi kaMoya oNgcwele, eliyakukwazi ukuqhubeka eMvinini. Ngokuba, ukuPhila okuseMvinini, kuvezwa egatsheni. Futhi ukuPhila okwakukuJesu, kwakuseBandleni lokuqala. Futhi abahambanga ngokubona. Bahamba ngokukholwa, bekholwa ukuthi lokho uNkulunkulu akusho kwakuyiQiniso. O, umehluko onje pho okuyiwo, lapho abantu abazohamba ngokukholwa, futhi babize noma yini abayibonayo, ephambene neZwi, ngokungathi yayingekho. Sidinga lolohlobo lokukholwa eBandleni.

43 UMose, lapho esebeneminyaka engamashumi amane ubudala, insizwa, futhi, mayelana nokubona, uMose wayenezwe esandleni sakhe. Wayengufaro olandelayo waseGibhithe. Futhi wayenawo wonke amazwe emhlabeni, esandleni sakhe

ngqo, ukuba abe yinkosi phezu kwawo wonke umhlaba, azi ngalolosuku. Futhi, nokho, walunguza ngefasitela uFaro alunguza ngalo, futhi wabona lawomaHeberu.

44 KuFaro, owayewabuka, ayengelutho kodwa isigejane sabaxovi bodaka, ezansi lapho odakeni, benza izitini. Kosaziwayo, lapho bedlula, babefana. Abantu abagqoke kahle, "Leso kwakuyisigejane sezigqila; abangelutho kodwa ababhuquza odakeni."

45 Kodwa lapho uMose ebheka ngaphandle efasiteleni elifanayo, wababona behlukile, ngoba wabuka Kokungabonwayo futhi wazi ukuthi uNkulunkulu wethembisa ukuthi Uyobakhulula baphume kuleyondawo, futhi abayise ezweni lesethembiso. Ngokuba, wabheka Kokungabonwayo. Wabona iminyaka eyayiza, ngaphambili. Wabona iGibhithe libhujiswa, nokho lalisesikhathini salo sokuqhakaza. Wabona iGibhithe njengoba linjalo namuhla. Futhi wabona u-Israyeli wonke uhlezi ngokuthokomala ezungeze u-Abrahama, eNkazimulweni. Futhi ngokukholwa wakhetha ukuthatha oku—okubi ukwedlula konke inkolo eyayingamnika khona, futhi ukuqhathanisa nokungcono ukwedlula konke izwe elalingamnika khona. "Futhi wakhetha ukuhlushwa ukuthukwa kukaKristu, futhi wakubona kuyingcebo enkulu kunakho konke iGibithe elalingakwazi ukumnika khona. Ngoba wakhuthazela, sengathi uyaMbona Ongabonwayo. UNkulunkulu wayekhulume noMose, noMose wazi ukuthi uNkulunkulu wayengubani. Ngakho-ke, akazange abheke phezu kokukhanya.

46 Futhi lapha ngingahle ngisho ebandleni kulobubusuku. UMose wayenakho, esandleni esisodwa, okungcono ukwedlula konke izwe elalingamnika khona. Bekungeke kube khona okungcono. Kwakuyisikhundla esiphakeme kunazo zonke. Kwakungesihle ukuzedlula zonke izwe elalinazo. Futhi inkolo yamnika okubi ukwedlula konke okwakunganikezwa, isigejane sezigqila emgodini wodaka. Futhi manje, uma umuntu ubebheka, yiluphi uhlangothi abeyoluthatha na?

47 Mangisho lokhu ngobuqotho, futhi ngaphandle kwanoma iyiphi inhliziyo embi, kodwa mangisho lokhu ukuthi nizokuqonda. Namuhla, ungabheki ibandla elikhulu. Ungabheki ihlelo elikhulu. Ungabheki abagqoke kahle. Kodwa bheka kuKristu, Owayecebile futhi waba ngomopofu, ukuze ngokuhlupheka kwaKhe ningahle nenziwe nicebe. Futhi uma ufuna ibandla, ungayi lapho kuya khona bonke osaziwayo, noma ama-Ph.D. amakhulu, noma ama. D.D., kodwa bheka phansi kubantu ababukelwa phansi.

48 Futhi uMose, ngenkathi enakho ezandleni zombili, okuhle ukwedlula konke izwe elalingakunikeza, kulokho ayengakubuka. Futhi nokho, lapho ebheka Kokungabonwayo, okubi ukwedlula konke ibandla elalingamnika khona,

wakhetha ukuhamba ngokukholwa. Futhi wakhetha ukuhamba ngoKungabonwayo, uNkulunkulu, ekubala ngokuthi kuyingcebo enkulu kunakho konke ukubona kwakhe okwakungakwazi ukumkhombisa. Lapha kwakungumbuso, lapha kwakungubukhosi, lapha kwakuyisihlalo sobukhosi, lapha kwakungumqhele, lapha kwakuyinto yonke, esandleni sakhe. Kodwa, nokho, ngokukholwa, ngenkathi ethola ukuthi jeqe uKristu phandle lapho emigodini yodaka, waya kubantu bakubo.

49 Manje, nasi esinye isifundo esincane ngoMose. Manje, uMose akazange nje ahlale emuva futhi athi, "Ngiyezwelana nalabobantu. Labo ngabantu abalungile. Niyazi, bengingeke ngikhulume igama elilodwa elimelene nabo."

50 Manje, yileyondlela iningi losonkolo eliyenzayo namuhla, lapho bezwa umlayezo oqinile ngoNkulunkulu wangempela. Bayothi, "O, anginalutho olumelene nalabobantu abakholelwa ekuphiliseni ngokukaNkulunkulu. Anginalutho olumelene nalabobantu abakholelwa ezimangalisweni." Kodwa lokho akwanele.

51 UMose akazange nje azwelane nabo, futhi ahlale esihlalweni sobukhosi. Waphuma waba ngomunye wabo.

52 Futhi ngiyakhumbula, eminyakeni embalwa edlule, ngenkathi nganginethuba elikhulu nabantu beBaptisti. Kwase kuthi-ke abantu bePresbyterian, inenekazi lalelidolobha lalikhokhela indlela yami edabula esikoleni esifushane ehlelweni lePresbyterian, futhi babefuna ukungingenisa njengomfundisi. Kodwa lapho ngibheka ngaphandle futhi ngibone ukuthi iqembu elalikholelwa kokungaphezu kwemvelo lalihlekwa futhi libizwa nga "bagingqiki abangcwele," kwakulula ukuba kuqhutshekwe, umshumayeli weBaptisti, ngokuba ngangiyinguye. Kodwa esikhundleni sokubheka kubo futhi ngithi, "O, anginalutho olumelene nabo. Ngiyakukholwa lokho, nami," ngakhetha ukuba ngomunye wabo; ngaphuma.

53 Futhi manje ngingomunye wababizwa "ngabagingqiki abangcwele," ngoba ngiyabona phakathi lapho, banesibonakaliso sikaNkulunkulu ophilayo ehlala nabo, futhi ngokukholwa ngiyakholwa ukuthi leso yisigejane esizongena oHlwithweni. Futhi ngingaqoka ukuba naLo kunawo onke amaPh.D. neD.D. ibandla lezwe elingaba nawo. Ungazwelani nabo. Yiba ngomunye wabo. Kulapho-ke, ngokukholwa, uhamba ngokukholwa, ngoKungabonwayo. Ngibona iBandla lingena oHlwithweni, ngibona uJesu ezela uMlobokazi waKhe, ngibona isigejane esincane esinganakiwe sabantu, esihlekwayo, nokuhlekiswa ngaso, singena oHlwithweni, ngeliny'ilanga. Ngiqoka ukuba nabo kunawo onke amaqembu engiwaziyo ezweni lonke, ngokuba ngokukholwa siyabona, ngoKungabonwayo. Impela.

54 UMose wakhetha ukuba . . . Wabona ngokukholwa lokho ababeyikho, nalokho uNkulunkulu ayekuthembisile, eminyakeni engamakhulu amane, Wayezobakhulula. Nokho, Walibala eminye iminyaka engamashumi amabili, nokho uMose waMkholwa.

55 Futhi isizathu sokuba ngibe sensimini, namuhla, kulomnyakazo, yingenxa yokuthi, lokho, ngokukholwa. Ngobunye ubusuku, ngaleya eGreen's Mill, e-Indiana, cishe eminyakeni eyishumi edlule, iNgelosi yeNkosi, Eyayikhulume nami ngisengumntwana, yakhuluma kimi ngalezizinto. Futhi ngaphuma futhi ngazixhuma qobo lwami. Izikhathi eziningi angeke ngikholelwe ezintweni abazenzayo, kodwa nokho, ngiyakholwa, nakho kubekwe iBandla likaNkulunkulu ophilayo. Futhi ngingaqoka ukuhamba ngedwa, nabantu abambalwa abakholwa nguNkulunkulu ngempela futhi baMthathe eZwini laKhe, kunokuba ngibe nezigidi eziMphikayo. Impela! Imisebenzi yabo iyokwenza.

56 "UMose wakhuthazela, sengathi uyaMbona Ongabonwayo." Futhi ekupheleni kohambo lwempilo yakhe . . . O, ngiyathanda ukusho lokhu!

57 Omunye wake washo kimi, wathi, "Mnu. Branham, ucabanga ukuthi uNkulunkulu wayelungile, ngenkathi Evumela uMose iminyaka engamashumi amane nalabobantu, bese-ke emenqabela ukuba angene ezweni lesethembiso na?" Kodwa ingxenye ekhazimulayo yendaba kaMose, wayesezweni lesethembiso, eminyakeni engamakhulu ayisishiyagalombili kamuva, enoJesu no-Eliya, futhi wabonakala eNtabeni iKarmeli.

58 Hhayi lokho kuphela, kodwa ekupheleni kwendlela, ngenkathi wayemi entabeni, evayizelisa evalelisa abantu bakubo, futhi wayebheke ngaphesheya kweJordani, futhi wayeneminyaka eyikhulu namashumi amabili ubudala, ngenkathi ukuphefumula kwakhe kokugcina kuqala ukumhlulekisa, wagibela phezulu kwalelodwala elishayiwe elivela ehlane, futhi lalikhona, futhi akazange . . . WayeneNgelosi yabathwali bezidumbu abamthatha ndawana thize futhi bamngcwaba, izwe elalingazi lutho ngakho. Ngoba, "Wayekhuthazele, ebona Ongabonwayo." Futhi ehoreni lokufa kwakhe, Ongabonwayo wayelapho. Ngiyazibuza, ukuba wayebe ngufaro, ukube kwakube ngaleyondlela. Kuyangabazeka kakhulu. Kodwa wayeqinisekile lapho ethatha ukukhetha okufanele.

Futhi ungaqiniseka, ngokuthatha ukukhetha okufanele.

59 UJoshuwa, eminyakeni engamashumi amane kamuva, emva kokuba esengene ezweni lesethembiso, futhi u . . . engujenene wezempi omkhulu. Ngenkathi impi yakhe yokuqala, izitha zakhe zazibiyele ngaphakathi endaweni lapho yayingekho

indlela yakhe yokuba afike kubo. Kodwa ngokukholwa wabheka Kongabonwayo, ngoba uNkulunkulu wanikeza uMose isethembiso ngenkathi bebeseseGibhithe. "Ngininike lonke iPalestine." Futhi ngokukholwa wabona izindonga zaseJeriko zidindilize phansi emhlabathini. Futhi wamasha wazungeza futhi wazungeza, enezikhali zokuzivikela eziphelele, engenakho ukungabaza enhliziyweni yakhe, kodwa ekholwa ukuthi uNkulunkulu wayezokwenza. Futhi lapho icilongo selikhalile, futhi abantu bamemeza, izindonga zawa, futhi bawudla umuzi. Ngani na? Wambona Lowo ongabonwayo.

60 Khumbulani, ngaphambi kokuba enze lokhu, wayehamba ngenye intambama, futhi wabona uMuntu owayemi ngodonga, inkemba yaKhe ihoshiwe. UJoshuwa wahosha inkemba yakhe futhi wahamba ukuba ahlangabezane naYe. Futhi wathi, "Ungowangakithi na? Ungowangasesitheni na?"

61 Futhi uMuntu waphendula futhi wathi, "NgiyiNduna yesiXuku seNkosi." UJoshuwa wazi ukuthi impi yayingeyakhe ngaleyonkathi.

62 Futhi lapho nina bantu, lapha, kulobubusuku, eninesono ezinhliziyweni zenu . . . angiqondile ukuthi nihlala ngokuphinga. Angiqondile ukuthi niyadakwa. Ngiqonde ukuthi, *isono* uku "ngakholwa." Futhi ngokungakholwa enhliziyweni yakho, uma nje uzovele uvule inhliziyo yakho futhi uvale amehlo akho, futhi ubheke iNduna eNkulu Esezindaweni zonke kulobubusuku, umhlaba uzolala ube yisicaba ezinyaweni zakho, futhi uzozamazamisa sonke isibopho sesono sisuke kuwe. Izinsuku zokungabaza zizodlula. O, alibusiswe iGama leNkosi!

63 Ngiyatshelwa ukuthi inyoka ingabamba iso lenyoni, futhi ithonye leyonyoni, ngokulumba kwayo nokugqolozela kwamehlo ayo, kuze kuthi, ngaleyondlela, uma leyonyoni izonikeza inyoka ukunaka kwayo imizuzu embalwa, leyonyoni izodidizela futhi ikhubazeke ngokuphelele. Futhi inyoka izoyithatha inyoni.

64 Futhi ngingakukholwa lokho, ngenxa yokuthi ngazi ngenye inyoka, udeveli, ukuthi uma eke waze wabamba iso, ngokulumba kwakhe, ngomculo wakho wokuzibinya wesimodeni, nawo onke amalivilivi afekethisiwe omhlaba. Uma engake akubambe, ntombi noma nsizwa, isikhathi eside nje ngokwenele ukuthola ukuthonya kwakhe kuwe, uzodidizela kodwa angeke uphulukundlele. Uzokubamba aze akugwinye esonweni.

65 Indlela kuphela, ngiyatshelwa, ukuthi leyonyoni encane ike ize ibe nethuba, ngukususa amehlo ayo enyokeni. Futhi angeke ibheke kunoma yini enye, ngoba imile, igqolozele. Kodwa uma izosusa amehlo ayo enyokeni, futhi ibheke phezulu futhi ibhakuzise amaphiko ayo, iyondiza iyothi ngqu iphume ekufinyeleleni kwenyoka.

66 Futhi uma uke waba nokuthonya kwezwe nezinto zezwe nokuthonya kokungakholwa enhliziyweni yakho, lokho okukutshela ukuthi, "O, phila isimodeni," nikina ikhanda lakho, kulobubusuku, bese ubheka phezulu kuLowo Kokungabonwayo, iNkosi uJesu, bese ubhakuzisa amaphiko akho omkhuleko uze undize uthi ngqu uphume ekufinyeleleni kwakhe futhi uphume emaziphweni akhe.

67 Uma ubengakhuluma nawe, futhi athi i. . . ukuthi, "Ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu akulungile," nikina ikhanda lakho usuke kuye, ngokushesha. Uma efanele akutshele, ukuthi, "Ukwahlulela okufihlakeleyo kokoMoya ukufunda ingqondo," nikina ikhanda lakho usuke kuye, masinyane, futhi ubheke phezulu Kokungabonwayo.

68 Njengoba u-Elisha atshela uGehazi, inceku yakhe eDothani. Ngenkathi esaqalaza, kwakukhona impi yamaSiriya. Kwakukhona yonke into yokubasakaza phansi, ngoba lomuntu kaNkulunkulu wayekwazi ukutshela inkosi yakwa-Israyeli lokho inkosi yaseSiriya eyayicabanga ngakho ekamelweni layo lokulala.

69 Ake ngisho lokhu kulobubusuku, zethameli zami. Ukuthi uNkulunkulu usaphila, futhi Uyafana nje kulobubusuku njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi. Usengayazi imicabango yakho nokuthi ucabangani njengamanje. Khona-ke ufanele ubhekisise izithelo zikaMoya, ukubona uma kunguNkulunkulu womlando ovusiwe futhi. Impela.

70 Futhi lapho kufika inhlekelele enkulu; ehlale efika njalo. Khona-ke ngenkathi uGehazi, eyilunga lebandla elisivivi nje, ngenkathi . . . Wayengakubonanga lokho u-Elija ayekubonile.

71 Ngoba, u-Elija wayekwejwayele ukuhamba ngokukholwa, futhi wayebheka Kokungabonwayo, ngaso sonke isikhathi. Futhi wayazi ukuthi uNkulunkulu wayeshilo, kumaHubo, "IziNgelosi zikaNkulunkulu zikanise ngakulabo abaMesabayo." Lokho kwakwenele ku-Elija.

72 Kodwa uGehazi wayesanda ku pro-. . . wayekukholwa nje ingxenye. Wayeyilunga nje lebandla.

73 Ngakho-ke, u-Elisha washo eNkosini, wathi, "Nkosi Nkulunkulu, nikeza isibonakaliso lapha. Vula nje lamehlo alendoda futhi mayibone okuyizungezile."

74 Futhi ngenkathi uNkulunkulu evula amehlo akhe, wabona amahhashi oMlilo, edonswa izinqola zoMlilo, futhi onke ayezungeze lowomprofethi omdala. Babelapho ngasosonke isikhathi, kodwa nje akazange ababone.

75 Futhi kulobubusuku ngizosho into efanayo, ukuthi, uNkulunkulu Owama ngaleya esahlukweni 1 seNcwadi yeZenzo; futhi lapho Ephakanyiselwe phezulu, nezibhakabhaka ziba ngaphansi kwezinyawo zaKhe. Lowo Jesu ofanayo wathi,

"Bhekani, Nginani njalo. ANgisoze nganishiya noma nginilahle. Futhi imisebenzi eNgiyenzayo niyakuyenza njalo. Ngizoba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe."

76 Ngiyatshelwa ngabashayeli bamabhanoyi abandizisa lawa lapha, amabhanoyi asheshayo ngempela amajethi. Futhi bathi ibhanoyi, likhuphukela ejubaneni elithize, ukuthi liyangqangqazela futhi liyazamazama, futhi kubonakala sengathi amabhawodi azondiza aphume kulo, ukuthi amaphiko azosuka, lize ledlule lesosivimba-msindo. Kodwa emva kokuba eke edlula lesosivimba-msindo, bathi amabhanoyi antweza nje aphume, ngokukhululeka nje, lapho ledlula isivimba-msindo. Leso yisithiyo esisendleleni yebhanoyi, lapho ledlula umsindo walo uqobo, bese-ke ligijima ngokukhululeka.

77 O, uma iBandla lalolusuku lingake likhuleke lize lidlule isithiyo sesono, nesithiyo sokungakholwa, bangamemeza ukunqoba kukaNkulunkulu ophilayo, uma beke bedlula lesosithiyo; ngokubheka Kokungabonwayo, nokudedela izwe lingqangqazele futhi lenze lokho elifuna ukukwenza. Kodwa kukhona uNkulunkulu ophilayo. Futhi uma silahlekelwa ukungakholwa kwethu nokungakholwa kwethu kuYe, futhi sedlule leyondawo leyo izwe elithi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule," kukwenza uzamazame. "O, ayikho into okuthiwa ngumbhaphathizo kaMoya oNgcwele," kukwenza uzibuze.

78 Kodwa uma nje uzobheka Kokungabonwayo, kuNkulunkulu Owakwethembisa, "Ngokuba isithembiso ngesenu nesabantwana benu, nalabo abakude, bonke labo iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Uma nizobheka eZwini elibusisiwe elithi, "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade," phendulelani amakhanda enu ngakulokho, futhi nicindezele niqhubeke, nize nedlule lokho kungqangqazela, nedlule izithiyo zokungakholwa, nezithiyo zesono, nazo zonke izithiyo ezibonakala zinivimba. Khona-ke nizondiza ngokukhululeka ekukholweni kukaNkulunkulu, nazi ukuthi zonke izinto ziyenzeka. Khona-ke akukho mkhawulo, bayasho, kanzima, ejubaneni ibhanoyi elizohamba ngalo. Uma kungekho mkhawulo ejubaneni ibhanoyi eliyohamba ngalo, akukho mikhawulo ezibusisweni uNkulunkulu azozithululela phansi phezu kwekholwa elizokholwa. UmBhalo usho ukuthi Yena unguye "izolo, namuhla, naphakade."

79 UJesu wathi, ngenkathi Wayelapha emhlabeni, "Angenzi lutho uBaba waMi aze aNgibonise kuqala."

80 Ngenkathi owesifazane emthonjeni eza kuYe, futhi wayengowaseSamariya. Okokuqala, kwababakhona indoda eyeza kuYe, futhi igama layo lalinguPetru. Futhi Wathi kulendoda, "Igama lakho unguSimoni, negama likayihlo nguJona." Wakwazi kanjani lokho na? Wakwazi kanjani lombazi ophansi waseNazaretha ukuthi igama laleyondoda

kwakunguSimoni, nokuthi igama likayise kwakunguJona na? Ngoba Wayembathiswe aMandla ukuthi wayengabheka Kokungabonwayo. Akazange abheke kunoma yiziphi izincwadi amaletha ezibhaliwe. Wabuka Kokungabonwayo, uNkulunkulu waseZulwini.

81 Ngokushesha, bahamba futhi bathola enye indoda, ngale kwentaba, eyayivela emamayeleni amaningi. Futhi lapho isimtshelile endleleni, lokho uJesu ayekwenzile, akungabazeki kodwa lokho uNathanayeli ayekunqikaza kakhulu. Kodwa lapho eke waba semehlweni kaJesu, uJesu wathi kuye, "Bheka umIsrayeli okungekho nkohliso kuye."

82 Wakwenza kanjani loMuntu na? Kwakungekho-muntu kanye naYe ukuba athi, "Lomfo ungum-Israyeli." Wakwenza kanjani na? Akazange akufunde kunoma iyiphi incwadi. Kodwa Wabheka Kokungabonwayo, kuNkulunkulu Owazi ukuphela kusukela ekuqaleni.

83 Futhi wathi, "Rabi, Ungaze nini na?" kwasho uNathanayeli.

84 Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, ngenkathi ungaphansi komuthi, Ngakubona." Wayenzani na? Ebheka Kokungabonwayo.

85 Ngenkathi owesifazane emthonjeni, umSamariya, waphuma, futhi Wathi, "Ngiphuzise."

86 Futhi wathi, "Umthombo ujulile, futhi aWunakho ongakha ngakho."

87 Wathi, "Kodwa ukuba bewazi ukuthi uBani obukhuluma naye, ubuzocela kiMi amanzi."

88 Futhi wayefuna ukwazi ukuthi ubani ayekhuluma naye. Futhi wayazi ukuthi WayengumJuda, futhi Yena... Wathi, "Akusilo isiko kini maJuda ukucela thina besifazane baseSamariya into enjalo enjengaleyo."

89 Futhi ngakho-ke ingxoxo yaqhubeka uJesu waze wabamba umoya wakhe. Futhi Wathi, "Hamba ulande indoda yakho, bese uza lapha."

Wathi, "Anginandoda."

90 Futhi Wathi, "Kunjalo. Ubunamadoda ayisihlanu. Naleyo ohlala nayo manje akusiyo indoda yakho."

91 Futhi wathi, "Siyazi ukuthi lapho uMesiya efika, Uzositshela lezizinto, kodwa Wena Ungubani na?"

Wathi, "Nginguye okhuluma nawe."

92 Futhi wagijimela emzini wayesethi, "Wozani, nibone uMuntu, Ongitshele izinto engizenzile. Akusiye uMesiya lona na?"

93 Futhi lapho uJesu, ekushiyeni izwe, emva kwenkonzo yalokho ezweni jikelele, ezweni jikelele elaziwayo langalolosuku, Wathi, "Imisebenzi engiyenzayo Mina, nani

niyakuyenza." Lalelani ekuhambeni kwaKhe. "Bhekani, kuseyisikhashana, nezwe (elibonakalayo, elinobuhlakani, eliphucukile, elesayensi), izwe angeke lisaNgibona." Leso yisiprofetho impela. Angeke kusize kodwa kuzoba yiQiniso. UJesu Kristu wakusho. "Ikholwa elinobuhlakani, izwe, aNgeke lisangibona. Nokho, niyoNgibona nina, ngokuba Ngiyoba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni konyaka. Nemisebenzi eNgiyenzile, nani niyakuyenza. Futhi nemininingi kunalena niyakuyenza, ngokuba Ngiya kuBaba waMi."

94 LoNkulunkulu omkhulu noBaba esikhuluma ngaye, akusiyona into eyayikhona. Uyinto ekhona. Futhi uma abantu baKhe, Ababizwa ngeGama laKhe, bezodlula lesosithiyo salokho izwe elizokusho, lokho ibandla elizokusho, lokho isayensi ezokusho, futhi libheke kulokho uNkulunkulu azokusho; ngalowomzuzu, uzokwedlula lokho kungqangqazela kokungakholwa futhi uhambe ukhululekile uphume kulesisakhiwo, kulobubusuku, ujabule nje njengoba ungabanjalo; ukhonza uNkulunkulu, uzizwa ukhululekile, izono zonke sezisukile, uphulukisiwe ekuguleni kwakho. Ngani, kuzomangalisa! UNkulunkulu ubengeke abe nguNkulunkulu wokulunga, obengaklomelisa umuntu oyedwa ngokukholwa kwabo, futhi angamklomelisi omunye. Angeke akwenze. Uma uNkulunkulu akhipha ilukhemiya isifo sokushodelwa yigazi yaleyontombazane ngenkathi yayilele ngaleya; futhi kwesinye sezibhedlela esizedlula zonke, iJohns Hopkins, ebesingatholakala; nezitho zayo ziwa kuyo. Futhi ngemva kwehora elilodwa umkhuleko wenziwa lapha, lowomntwana wamenyezelwa ukuthi "uphile-saka," ngodokotela abafanayo.

95 UNkulunkulu angeke abe ngolungile, makuthi uCongressman Upshaw, owayekade esesihlalweni esinamasondo iminyaka engamashumi ayisithupha nesithupha, ephukile emhlane wakhe, ehamba njengoMnu. Roosevelt, futhi ubengayiphilisa leyondoda futhi ayikhiphe kulesosihlalo, ngombono, futhi uma enye indoda ihlezi ngendlela efanayo, futhi ihlangabezane nokukholwa okufanayo, uNkulunkulu ubeyobe engalungile ukuphilisa oyedwa futhi ayekele omunye. Ulungile.

96 Yithina, bangane. Uma singahamba sedlule lesosivimba-msindo! Uma singafika endaweni lapho okungenzi mehluko ukuthi ubani okushoyo! Inqobo nje uma uNkulunkulu ethe kuyiQiniso, ntweza uqhubeke.

97 Bengihlale ngicabanga leyonkondlo encane encwadini yami yesikole, lapho ngisengumfanyana phezulu lapha emgwaqeni. Abaningi benu abesilisa nabesifazane abanguntanga wNami bayayikhumbula. "*Ntweza uqhubeke! Ntweza uqhubeke futhi uqhubeke!*"

98 Ngenkathi uChristopher Columbus enikezwa imikhumbi yindlovukazi yaseSpain, futhi waye. . .ngoba, enhliziyweni

yakhe, wabona umbono wokuthi umhlaba wawuyindilinga. Futhi wayenendlela enzima ukuthi wayengakufakazela. Wayengenalutho lokukwenza ngakho, kodwa wayeyindoda yombono. Wakukholwa.

99 Futhi lapho esenikezwe umkhumbi, nesigejane seziboshwa, amagwala; okwakungamalunga ebandla lakhe, isigejane sabadonsela emuva, isigejane esasidumazekile futhi sazama ukumdumaza. "Isikhashanyana nje eside futhi sizokwehlela ezweni. Inyoka izovuka phansi olwandle, futhi isonge yonke lemikhumbi emincane futhi iyidonsele phansi. Manje uthi, isigebengu sasolwandle esinesibindi, sithi! Uzothini na?"

Wathi, "Ntweza uqhubeka! Ntweza uqhubeka! Ntweza uqhubeke futhi uqhubeke!"

100 Nkulunkulu, siphe amadoda eBandleni, anjalo. Angikhathali ukuthi izwe lesayense lithini. Angikhathali ukuthi izwe lehlelo lithini. Ngithatha uNkulunkulu eZwini laKhe, futhi ngiqhubeke ngintweze. Uqhubeke untweze, uze wedlule isithiyo. Sasivamisile, ebandleni elidala lapha, sasivamise ukucula leliculo elincane kanje.

Ngeqe umugqa ohlukanisayo,
Ngishiye umhlaba ngemuva.

101 Uma kwake kwaba khona isikhathi lapho iBandla lidinga ukweqa lowo mugqa owehlukanisa wena phakathi kokukholwa nokungakholwa, ngokubona, futhi ubheke Kokungabonwayo ngokukholwa, kumanje. Yilapho oshiya khona yonke into ngemuva kwakho, wonke umnako, konke ukukhathazeka, yonke into ethi angeke ube ngumKristu, "Sengibheme isikhathi eside kakhulu. Ngiphuze isikhathi eside kakhulu. Mfowethu Branham, ngihlale ngokuphinga." Angikhathali ukuthi uthini nokuthi wenzeni, nakuba izono zakho zibomvu; wedlula kanye lowomugqa wesithiyo, sikadeveli ezama ukukuhlupha, ethi angeke ukwenze, angeke ukwenze. Uthi, "Ngingakwenza, ngokuba uJesu wathi, 'Othandayo, makeze futhi aphuze amanzi omthombo wokuPhila, ngesihle.'" Kushiye ngemuva.

102 Lapho nina bantu abagulayo, nitshale emgqeni womkhuleko ngemva komugqa womkhuleko, futhi nikhulekelwe, futhi nikhulekelwe, kade nikodokotela, nenze yonke into, futhi namanje ukufa kuhlezi emnyango wenu. Uma ufika endaweni lapho uthi khona, "Anginandaba ukuthi udokotela uthini. Anginandaba ukuthi izwe lesayense lithini, uJesu Kristu wenze isithembiso kimi." Yedlula lesosithiyo sokungqangqazela emphefumulweni wakho, ukuthi ukhululekile. Ayikho neyodwa into ukuba ikuzamazamise. Uzontweza ungene ekuphulukisweni kwakho ngokuqinisekile njengoba ngimi kulelipulpiti. Awusoze waphenduka ukuba ubheke ngaleyondlela nhlobo. Uzobe ubheka *ngale*ndlela.

103 Ukhululeke kakhulu kulezozinto: Uthi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Angeke usinde. Udaba lwakho lubi kakhulu." Qhubeka untweze, phezulu ngaphezu kwakho. Khwela ezindongeni ngaleya, kuze kuthi konke sekukhululekile, yonke intambo naso sonke isibopho zinqunyiwe, konke ukungqangqazela kushiywe ngemuva, futhi ukhululekile, futhi ukhululekile impela.

104 UJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, umisile eBandleni, ngenxa yenu bantu, ngezinto ezinjengalezi. Kuqala Umisile abaphostoli, bese-ke, emva kwalokho, Wathumela abaprofethi, kwase-ke kuba abafundisi, abelusi, nabavangeli, ukuqinisa leliZwi, ukufakazisa ukuthi Ungumfundisi othize omkhulu. Angiqondile ukuthi ufanele abe ne-Ph.D. Angahle azi kancane ngeBhayibheli kuno—kunomntwana osesebusheni bakhe. UJesu wayazi okuningi ngemiBhalo, eneminyaka eyishumi nambili ubudala, kunoma bonke abaFarisi babazi, noma izazi ezindala ezifundile. Ngakho-ke, niyabo, akuthathi umqondo onobuhlakani. Kuthatha inhliziyo ezinikele entandweni kaNkulunkulu.

105 Uma uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, yethembisa, leliBhayibheli, ukuthi, "Uyosindisa kuze kube sekugcineni." Uma Ethembisa, "Izinto engizenzayo Mina nani niyakuzenza. Ngizoba nani kuze kube sekupheleni kwezwe." Futhi uma lowoJesu ofanayo ubengeza kulobubusuku, futhi asithathe asingenise ekulawuleni kwaKhe, futhi besingazihlela qobo lwethu ekungacabangini ukuthi kuzokwenziwa kanjani, kodwa ukubheka Kokungabonwayo, kuNkulunkulu Owakwethembisa. "Into efanayo eNgayenza kowesifazane emthonjeni, Ngingayenza ngawe. Isibonakaliso esifanayo engasikhombisa ezweni, kubo bobabili umJuda nomSamariya, Ngizobuye ngikhombise ezinsukwini zabeZizwe." Uma Akwenza kubo, futhi Wazifakazela ukuthi unguMesiya kanjalo, futhi ubeyokwenza noma yini enye futhi asivumele singene ngobuhlakani, bekungeke kube naqiniso. Ubengeke abe nguNkulunkulu olungile. Uzofanele akhombise isibonakaliso esifanayo. Uma Ubengafika kulobubusuku, futhi angqangqazele adabule kulesisakhiwo futhi azibonakalise qobo lwaKhe, ukuthi Uyaphila, ngokwenza izibonakaliso ezifanayo, bekufanele kwenze yonke inhliziyo yesoni incibilike phakathi kwaso. Bekufanele kwenze wonke umuntu ogulayo asukume ame ngezinyawo zakhe futhi aMnike udumo, futhi edlulise wonke umugqa wokungqangqazela, futhi aqhubeke angene kuleyomigudu lapho uNkulunkulu angakuphulukisa khona futhi akwenze uphile.

Cabanga ngalezozinto ngenkathi sisakhuleka.

106 Nkulunkulu onesihawu noPhakade, OwayenguNkulunkulu ngaphambi kokuba kube ne-atomu emoyeni, futhi uyoba

nguNkulunkulu lapho kungekho elinye i-atomu. Wena Owabumba umhlaba futhi wawulinganisa ngezandla zaKho, futhi wawuthululela wangena emkhathini, futhi wathi, "Makube-khona ukukhanya," futhi kwabakhona ukukhanya. AmaZwi aKho angeke ehluleke, futhi Angeke ehluleke kulobubusuku, ngokuba Wena wenza isithembiso. "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." LeloZwi liyiqiniso. Nkosi Nkulunkulu, siyazi ukuthi ukuphulukisa kube yinto eyathengwa eKalvari, njengoba nje insindiso yayinjalo. Futhi sifanele sibheke bese siphila, futhi sikholwe, futhi sedlule izithiyo, ukufakazisa kuWe ukuthi siqotho. Nkulunkulu Somandla, siphe, kulobubusuku, ukuthi abantu bakholwe, futhi basindiswe ezonweni zabo nasekuguleni kwabo. Futhi ngizocela ukuthi Wena uzokwenza lokhu ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu.

107 Futhi sisakhothamise amakhanda ethu, ngiyazibuza nje, kulobubusuku, bangaki abangaphakathi nangaphandle, abangathanda ukwenza lokhu kuvuma kuNkulunkulu. "Nkosi, kade ngi—ngiyilunga lebandla isikhathi eside, noma mhlawumbe angibanga njalo. Kodwa, empeleni, kuningi kakhulu okwezwe okungqangqazelayo kimi. Nginolaka. Ngine, o, into ethize engeke nje ingivumele ngifike endaweni lapho engingakholwa khona njengoba bengifanele ngikholwe. Ungakususa lokho kimi, kulobubusuku, Nkosi na? Futhi mangidlule isithiyo sesono sokungakholwa." Ningaziphakamisela izandla zenu kuYe na? UNkulunkulu anibusise. Lokho kuhle. O, izandla eziningi, nxazonke.

108 Nkosi, Uyazibona izandla zabo. Futhi kwangathi uMoya oNgcwele, obatshelile manje ukuba baphakamise izandla zabo, kwangathi Angeza futhi abakhulule ekungqangqazeleni kwezwe, baze bakwazi ukuya ngale ko—kokukhubazeka okuthonyayo kwenyoka, ukuthi ukuluma kwenyoka kwesono, amalumbo alelizwe lesimodeni awasoze aphinde abayenge. Kwangathi bangaphakamisela amehlo abo kuKristu khona manje futhi baMemukele njengoMsindisi wabo, futhi sizokudumisa Wena. EGameni likaJesu siyakhuleka.

109 Futhi manje, ngaphambi kokuba sibize abagulayo nabahluphekileyo, ngabe bakhona lapha kulobubusuku, abagulayo, abahluphekile nganoma iyiphi indlela, abebengathi, "O Nkulunkulu, mangidlule umugqa oyisithiyo, nami. Nginike ukukholwa ukuba nje ngiqhubeke ngidlule yonke imicabango kadeveli ethi, 'Angeke uphumelele. Angeke uKuthole'"? Ungaziphakamisa izandla zakho, futhi uthi, "Nkulunkulu, yiba nomusa kimi." UNkulunkulu akubusise. Yena uyazibona zonke izandla zenu. Zisendaweni yonke esakhiweni.

110 Manje, Baba, yipha ukuthi into ethize izokwenzeka, kulobubusuku, ezobangela lababantu ukuthi babone ukuthi leli yiQiniso, iZwi likaNkulunkulu, nokuthi Uzosigcina

isithembiso saKho kubo, ngendlela efanayo nje njengoba Wenza ku-Abrahama, noma kuMose, nanoma kubani. Kanjani, ngenkathi Utshela uPetru, “Hamba uze kiMi, phezu kwamanzi.” Futhi akazange ashone phansi ukubona ukuthi hlobo luni lwebhuloho elalingaphansi kwamanzi. Akaze ngisho akubheke lokho. Wabheka kuJesu. Kodwa lapho ebuka ngamehlo akhe phezu kwamagagasi, ubeyocwila. Nkulunkulu, siyakhuleka, kulobubusuku, ukuthi labo abaphumayo, kulobubusuku, bazokwedlula lesosithiyo samagagasi, futhi bazohamba baqhubeke ngqo baye kuJesu, ngokuyaleza kwaKhe ukuthi kuziwe. Sizwe, Nkosi. Futhi manje nikeza inceku yaKho ukuhlakanipha ukwazi okumele ikwenze ngalelihora, okuzoletha izibusiso, insindiso yokuphulukisa, kokubili ngokomzimba nangokomoya, eGameni leNkosi uJesu. Amen.

NgiyaKubonga.

111 Manje kinina eniphakamise izandla zenu. Ngizonibuza okuthize. Ngizoshintsha inkonzo kancanyana nje, kulobubusuku. Izolo ebusuku sibangenise egumbini. Kulobubusuku, sizozama ukubamisa umugqa, bese siletha isigejane emsamo. Khona-ke, masinyane emva kokuba inkonzo isiphelile, lapho umelusi ethatha inkonzo, ngizocela, nina eniphakamise isandla, abantu abangamashumi amabili noma amashumi amathathu, ngifuna nize futhi niguqe kuleli- altare, uma ngempela ubukuqondile ngenkathi uphakamisa isandla sakho. Niyabo, uNkulunkulu uzokwenza, uma ubukuqondile ngempela, futhi uzovele ukhulume futhi uthi, “Nkosi, susa konke ukungqangqazela kokungakholwa kusuke kimi.” Yena uzokwenza.

112 Niyabo, angeke ugijime ngokukhululeka. Angeke ukwenze ezweni lesayensi, ngebhanoyi. Angeke ukwenze ezweni lokomoya, ngomoya, inqobo nje uma imicabango yakho yomuntu nemicabango yobuhlakani, engikhuluma ngayo, isakubambile. “Ngani, i. . . lamabandla awakukholwa Lokho. Lelibandla . . . ” Alikucabangi lokho. UJesu kwakunguYe Owakusho. Nebandla elikutshela ukuthi, “Akulungile,” yisiprofetho samanga. Angikusho lokho ukuba ngidelele nje, kodwa ngisho lokho ukuba ngibeqotho, ngoba ngizofanele ngime nani ekwaHlulweni. Labobafundisi, abafundisa lezozinto, banephutha. Manje ake . . .

113 Ukunikhombisa nje lokho uJesu akusho, khona-ke sizobona into enkulu, uma ingenziwa. Ngiqagele kunamakhulu amabili abantu lapha abazokhulekelwa. Ngifuna ukunibuza okuthize, phezu kwalomlayezo manje, wokuthi *Ukubheka Kokungabonwayo*. Uma Lowo ongabonwayo ezozimemezela qobo lwaKhe engobonakalayo, khona-ke bekuyofanele kwenze umphefumulo wenu wedlule sonke isithiyo. Uma Lowo Ongabonwayo, ezozenza Yena uqobo abonakale lapha kini, ngoba Wethembisa ukuthi Uyokwenza. Manje khumbula, ku . . .

114 Thina singabeZizwe. Manje, ngenkathi Esemhlabeni, kwakungekho-muntu owayeMfuna ngaphandle kwamaJuda namaSamariya. Thina, abeZizwe i-Anglo-Saxon, sasingabahedeni. Sasikhonza izithombe; obaba bethu. Kodwa amaJuda ayeMbhekile, naaSamariya ayeMbhekile. Futhi Uyafika futhi wafakazisa ukuthi Wayeyilowo Ababemfuna, futhi abaMkholwanga. Kodwa kwakukhona abanye abakhethiweyo ababeMazi futhi baMqonda; bobabili umJuda nomSamariya. Manje kuzoba okufanayo nangoweZizwe. Manje, indlela Azenza ngayo Yena uqobo kumJuda noweZizwe, ukuthi Waye . . .

115 Manje, bathi, "Nizo—nizoMbulalelani na?"

Wathi, "Ngoba Yena unguMuntu, eZenza uNkulunkulu."

116 Wayeyikho kokubili uNkulunkulu nomuntu. UNkulunkulu wayengumuntu wangaphakathi. UJesu wayengumuntu wangaphandle. Ongaphandle . . . uJesu wathi, "Angenzi lutho ngokwaMi ngaphandle kwalokho eNgibona uBaba waMi ekwenza." Noma ngubani uyakwazi lokho. "Lokho uBaba aNgikhombisa khona, yilokho engikwenzayo."

117 Manje bhekisisani ukuthi WaziMemezela kanjani kubantu abangamaJuda; ngokutshela uPetru ukuthi wayengubani, ngokutshela uNathanayeli ukuthi wayengubani nokuthi wayenzeni ngaphambi kokuba afike. Yileyondlela. Base bethi, "Wena . . . " UNathanayeli wathi, lapho ezwa lokho, wathi, "Wena unguKristu, inkosi yakwa-Israyeli."

118 Kodwa iJuda elingakholwayo lathi, ibandla lezwe, lathi, "Ungokhonza imimoya yabangasekho. Ungudeveli. UnguBelzebule."

119 UJesu wathi, "Nisho lokho ngokumelene naMi, niyothethelelwa khona," ngoba babengamaJuda. "Kodwa, kungenjalo, ezinsukwini zokugcina lapho uMoya oNgcwele efika phezu kwabeZizwe, izwi elilodwa elimelene naWo alisoze lathethelelwa, kulelizwe noma ezweni elizayo," lapho uMoya oNgcwele efika ukuzokwenza into efanayo Ayenzayo, ngokuba uMoya oNgcwele uyofakaza ngaYe. Ngakho-ke sizifaka esimweni esinzima.

120 Manje, uyakholwa ukuthi lowo Nkulunkulu usenguNkulunkulu ophilayo na? Uyakholwa ukuthi siphila ezinsukwini zokugcina zesimiselo sesikhathi sabeZizwe na? Futhi amabandla abheke Yena ukuba afike na? Futhi niyakholwa ukuthi Ubalungiselela ukuFika kwaKhe na? Amathunzi okuFika kwaKhe aphonswa emhlabeni; inkathazo, usizi, ukudideka kwesikhathi.

121 Futhi isithunzi sokuFika kwaKhe sibekwe phezu kweBandla laKhe. Futhi lezizinto esizenzayo eGameni laKhe ziyithunzi nje lalokho Azokwenza uma Efika. Uma sibona umntwana elele lapho, ebulawa ilukhemiya isifo sokushodelwa yigazi,

eqondiswa ebuyiselwa empilweni emizuzwini emihlanu, leso yisithunzi salapho Efika. Uthuli olusemhlabeni luyovuka ebuhleni lobusha futhi. Lokhu kuyisithunzi nje, kodwa esokwenza wazi ukuthi Uyeza. Asigqashule futhi sibeke eceleni sonke isibopho manje.

122 Futhi uma Ezofika, kulobubusuku, futhi Ezokwenza izinto ezifanayo Azenza kowesifazane eSamariya nakumJuda, nina beZizwe nizoMkholwa yini, futhi nidedele imiphefumulo yenu na? Nizokwenza na? Phakamiselani izandla zenu kuYe, nithi, "Ngizokwenza."

123 Manje asiqondi, uma sithi "ukuphulukisa," uma sithi "insindiso." Akekho umuntu ongakusindisa. Angikhathali ukuthi wenzani, angeke akusindise; angeke akubhaphathize ngokwanele emanzini. Angeke enze lutho ukuba akusindise. UKristu uyakusindisa. Kodwa wenze indlela yakho ukuze usindiswe. Angashumayela iZwi, angabhaphathiza ngamanzi, kodwa uKristu ubhaphathiza ngoMoya oNgcwele. Yilokho uJohane akusho, "Ngibhaphathiza ngamanzi, kodwa lowo Ozayo emva kwami ubhaphathiza ngoMoya oNgcwele nangoMlilo." UJesu angakhombisa izibonakaliso zaKhe Yena elapha, eshumayela iZwi laKhe ngomfundisi, futhi ehle futhi aqinisekise leloZwi ngaYe lapha; kodwa ukukholwa kwakho ophulukiswe ngakho. Niyabo?

124 Manje asihloniphe ngokuzithoba njengoba singakwazi; futhi, ngiyacela, manje, ngiyacela. Angisho ukuthi Yena uzokwenza. Kodwa sizobiza umgqa omncane lapha womkhuleko phezulu lapha. Futhi kukhona iqembu phakathi lapha, ngiyacabanga, uma ngingaphosisi, bangitshele ukuthi bebekhiphe amakhadi ayikhulu. Lokho kusho ukuthi kukhona abantu abayikhulu abahlezi lapha abazokhulekelwa. Sizobathola, wonke umuntu. Uma nje ungadikibalanga nje futhi wabaleka, sizonithola nonke. Niyabo? Ngeke sibathole bonke ngesikhathi esisodwa, kanjalo ngeke sikwazi ukubamisa ngesikhathi esisodwa. Kodwa singabamisa abanye babo ngesikhathi, mhlawumbe abane, abahlanu, noma abayisithupha, noma yini esingayithola emsamo ngapha, noma phansi naphezulu ohlangothini, lapho esingabamisa khona, ngoba asinayo indawo. Kodwa uma uNkulunkulu ezobenzela njengoba Enza, ukuZifakazisa ukuthi Ulapha, khona-ke besifanele sibheke-ke Kokungabonwayo bese sikholwa.

125 Nonke nina bantu abagulayo eniphakamise isandla senu, uma uJesu ezofika futhi enze into efanayo Ayenza ngenkathi Wayelapha emhlabeni, ngemizimba yabantu . . .

126 Ngamangala ngeliny'ilanga, lapho ngibone omunye wabafundisi abakhulu kunabo bonke, ngacabanga, emhlabeni. Uyindoda enkulu. Ningangizwa kabi. UBilly Graham, iNkosi emsebenzisayo, indoda enkulu. Kodwa kwakuyisiqephu

ephepheni, ukuthi abanye be. . .umuntu othile ndawana-thize wayembhalele, futhi wayefuna ukwazi, "Kuthiwani ngoziqu-zintathu na? Kwakukhona, empeleni, oNkulunkulu abathathu, noma nje kwakunoNkulunkulu oyedwa na?"

127 Futhi uBilly Graham wamphendula, futhi wathi, "Akukambulwa okwamanje." Sinalo leliphepha.

128 O, mfowethu, ungalokothi ukholwe ukuthi kunoNkulunkulu abathathu. Munye kuphela uNkulunkulu. Kunezikhundla ezintathu zalowo Nkulunkulu oyedwa. UbuBaba, ubuDodana, noMoya oNgcwele; uNkulunkulu ehla evela eZulwini. Wahlala entabeni, eNsikeni yoMlilo. Wehla, Wenziwa inyama futhi wakha phakathi kwethu, ebuDodaneni, kusukela ebuBabeni. Futhi manje uhlala eBandleni laKhe, njengoMoya oNgcwele. UNkulunkulu ofanayo! Hhayi oNkulunkulu abathathu. UNkulunkulu ofanayo! Niyabo? UNkulunkulu ofanayo!

129 Manje, bukani, ngenkathi Wayelapha emhlabeni. Lalelisisa manje. Ngenkathi Wayelapha emhlabeni, Washo lokhu, "Kuseyisikhashana, izwe angeke liNgibone, nokho nina niyakungibona. Ngivela kuNkulunkulu, futhi Ngibuyela kuNkulunkulu." Bangaki owaziyo ukuthi umBhalo usho lokho na? Awu, lokho Ayeyikho ngenkathi Elapha emhlabeni, khona-ke kufanele ukuthi Wabuyela emuva ukuyokwenza okufanayo. "Futhi kuseyisikhashana, futhi Ngizoba nani, ngibe kini. Nemisebenzi eNgiyenzayo nani niyakuyenza." Niyabo? Lokho kumenza afane. Lelogatsha elifanayo, liqhubeka nje liphumela ngaphandle koMvini. Niyabo? Niyabo? Elinye igatsha *lapha*, omunye unyaka webandla *lapha*, elinye *lapha*; amagatsha asuka eMvinini. Manje Mqapheleni egatsheni lapho.

130 Ngenkathi Wayelapha emhlabeni, Wathi Uvela kuNkulunkulu, okwakuyiNsika yoMlilo, futhi Wathi Ubuyela kuNkulunkulu.

131 Emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa nokuvuka, uPawulu wayesendleleni yakhe ehlela eDamaseku, futhi Into ethize yamshaya yamlahla phansi. Niyakukhumbula lokho na? IZenzo, isahluko 8, ngiyakholwa. Futhi ngenkathi ebheka phezulu, leyoNsika yoMlilo eyayisehlane, uJesu Kristu wayesebuyele emuva eNsikeni yokuKhanya eyamvala amehlo akhe ngci. Ngabe kunjalo na? Khona-ke Wayesebuyele kuNkulunkulu. Futhi uPawulu wathi . . .

Wathi, "Sawulu, Sawulu, uNgihluphelani na?"

Wathi, "Ungubani Wena, Nkosi na?"

Wathi, "NginguJesu." WayeyiNsika yoMlilo.

132 Ngisho lokhu etabernakele, hhayi ngokuthuka okungcwele, kodwa niyazi yini ukuthi Lowo ofanayo, lowoMoya ofanayo, unathi manje na? Sinesithombe saKhe silenga lapha, ngezwe lesayense. Nezibonakaliso Azenza emuva lapho,

kukhombisa ukuthi Usahleli eBandleni laKhe; hhayi olunye uhlobo lwesibonakaliso, kodwa isibonakaliso esifanayo. "Kuseyisikhashana, nezwe ngeke lisaNgibona," ukuhlakanipha, "kepha, nina," enidlule isivimba-msindo, ukukholwa yiZwi, "nizoNgibona." Ngethemba ukuthi niko "nina" kulobubusuku.

Asikhuleke.

133 Nkosi, manje, inkonzo yonke, kuzofanele kube nguWe, emva kwamazwi anjengalawa, ukuqinisekisa ukuthi Ukhulume iQiniso. Ngiyakhuleka ukuthi Uzosipha lezizibusiso, ngeGama likaJesu Kristu. Amen.

134 Manje bangaki . . . Nina eninamakhadi omkhuleko phakathi lapha, angeke siniphakamise kanyekanye. Kodwa uma nje ningeke nidikibale, kulobubusuku, kusasa ebusuku, ngeSonto nangeSonto ebusuku, kanjalonjalo, sizonithola. Kodwa manje asiqale kulobubusuku, futhi siqale ukukhuphula abambalwa nje. Futhi labo abanamakhadi, abangakwazi ukuhamba, ngizonibiza ngamunye futhi nginibeke lapha. Uma ungakwazi ukuhamba, uma ngibiza inombolo yakho, khona-ke phakamisa isandla sakho, bese kuthi-ke abanye babangenisi lapha bazoza futhi bakuqukule. Kulungile.

135 Ikhadi lomkhuleko lokuqala, ubani onalo na? Phakamisa isandla sakho uma unekhadi lomkhuleko lokuqala. Phakamisa isandla sakho. Impela. Omunye mhlawumbe akakwazi . . . Awu, mhlawumbe benginephutha. Uphi uBilly na? Mhlawumbe beku . . . Ini? [Omunye uthi, "U-A wokuqala na?"—Umhl.] Yebo, kulungile. Uma ukwazi ukuhamba, mnumzane, woza khona ngapha.

136 Ikhadi lomkhuleko lesibili. Uma ungaphakamisa izandla zakho, phakamisa isandla sakho. Kulungile.

137 Elesithathu. Khona lapha, ungeza khona lapha, uma ungakwazi. Manje, uma ungeke ukwazi, qhubeka nje uvayizelisa isandla sakho, futhi abanye babo bazoza bakuqukule. Elesithathu.

138 Elesine. Ubani lolohlamvu na? [Abanye abafowethu bathi, "J."—Umhl.] J? Kulungile. Elesine, ungasiphakamisa isandla sakho. Inenekazi elingemuva, selivele limi ngezinyawo.

Elesihlanu.

139 Manje lapho uBilly ehlela ezansi ukuzonikezela ngamakhadi omkhuleko, noma uLeo, noma uGene, uMfowethu Wood, kumbe noma ubani owakhiphayo, benyukela lapha phambi kwenu, bese bexubanisa lawomakhadi, ndawonye, bese nje bekunikela noma yiliphi ikhadi lomkhuleko olifunayo. Niyabo? Lokho kukuwe, vele uthole ikhadi lakho. Ungahle . . . Ohlezi ngakuwe angahle abe nelokuqala, olandelayo angahle abe neleshumi nanhlanu, emuva ngapha abe nelesibili. Axutshiwe nje. Kulungile.

140 Ikhadi lomkhuleko lesithathu, ubani onalo na? [Omunye uthi, "Laphaya."—Umhl.] Ngapha na? Kulungile.

Elesine.

141 Elesihlanu. [Omunye uthi, "Nginenombolo yesihlanu."—Umhl.] Eyesihlanu.

142 Elesithupha. Emuva le ngemuva, kulungile. Uma uthanda, emuva lapho, nje dedelani lelonenekazi ledlule.

143 Elesikhombisa, ungasiphakamisa isandla sakho. Elakho ngelesikhombisa dadewethu na? Kulungile.

144 Elesishiyagalombili, ungasiphakamisa isandla sakho, uma ungakwazi. Inenekazi khona lapha, elesishiyagalombili. Kulungile, dadewethu, thatha indawo yakho.

Elesishiyagalolunye. Lelinenekazi lapha. Kulungile, dadewethu.

145 Eleshumi. [Omunye uthi, "Laphaya ekhoneni."—Umhl.] Kulungile. Eleshumi. Asi—asikhawuke kulokho, ngoba siyaminyana lapho kancanyana. Uma nje bezohlehla kancanyana nje, ngiyacela. Awu, sizothola eleshumi. Manje, ngiyacabanga . . . Uneleshumi, unalo, dadewethu na? Uma ungakwazi ukuhamba uqhubeke, labo banumzane abahloniphekile khona lapho, bazokufaka emgqeni. Manje, kulungile.

146 Bangaki na? [Omunye uthi, "Bayisishiyagalolunye."—Umhl.] Elesishiyagalolunye alikho. [Indoda ithi, "Qhabo. Khona lapha, Mfowethu Billy."] O, lapho—lapho, akakwazi . . . Noma, uma engakwazi ukuhamba, myeke nje ahlale lapho futhi umlethe uma inombolo yakhe isibizwa. Kulungile. Lapho nje inombolo yakho . . . Uma ungakwazi ukuma isikhathi eside kakhulu, dadewethu, linda nje inombolo yakho ize ibizwe, khona-ke usungeza. Lokho kulungile. Kulungile, nje—nje hlala phansi. Lokho kulungile. Manje, uma engakwazi ukuhamba, awu, uma inombolo yakhe isibizwa, abanye babo bazomqukula eze lapha, noma ngabe yini enye. Lokho kulungile. Kulungile.

147 Inombolo, iziphi ezinye izinombolo ebezisishodela na? [Omunye uthi, "Yibo bonke."—Umhl.] Yilokho kuphela. Kulungile. Manje sinabangaki na? Ngabe lokho ukuphela komugqa khona lapho na? Awu, kulungile.

148 Manje, ngifuna ukwazi ukuthi nonke kulomugqa, enimi emgqeni lapha manje, ngifuna ukunibuza lombuzo. Niyakholwa ngesizotha ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu na? Futhi niyakholwa ukuthi Uvukile kwabafileyo na? Futhi Akafile manje, kodwa Uyaphila. Niyakholwa ukuthi—ukuthi Angenza futhi enze okufanayo Akwenza ngenkathi Elapha emhlabeni na? Futhi niyakholwa ukuthi Uthumele uMoya waKhe eBandleni laKhe, ukuqhuba umsebenzi waKhe na?

149 Bangaki kini abayizihambi kimi, phakamisani isandla senu? Anginazi. Kulungile. Angikwazi. Kulungile. Kulungile. Bekuyiso sonke isandla na? Zonke izandla besiphezulu, ukuthi bebengangazi na? Kulungile. Ngiyisihambi kulabobantu. Angikaze ngibabone.

150 Bangaki esakhiweni oyizihambi kimi, ukuthi anginazi. Qhabo, anidingekile ukuba nibe phezulu lapha, noma kuphi nje. Awu, ngiyabona, ngaphezu kwengxenye yebandla izihambi. Kulungile. Uma-ke ngiyisihambi kini, ngifuna ukunibuza phandle lapho e—ezethamelini. Uma uJesu ubephila namuhla . . . Futhi nibone uma lona kungumBhalo.

151 Ngesinye isikhathi kwakukhona owesifazane owayenento enkulu engalungile ngaye, ukopha. Wayesenakho cishe iminyaka eyishumi nambili, ngiyakholwa, noma ngaphezulu. Futhi wayechithe yonke imali yakhe kodokotela.

152 Nanka amantombazane amabili ahlezi lapha ezihlalweni ezinamasondo. Niyakholwa, mantombazane, ukuthi uJesu uvukile kwabafileyo na? Nibheke kuYe kulobubusuku okwempilo na? Nina—ninalo yini . . . Ninalo ikhadi lomkhuleko na? Kulungile. Anikabizwa okwamanje. Lokho kulungile. Thembekani nje. Kulungile.

153 Ningangabazi. Kholwani nje manje. Futhi uma ikhadi lakho lingabizwanga kulobubusuku, vele ubuye nokho kusasa ebusuku, niyabo. Gcina nje . . . Akunandaba, qhubeka nje uze, niyabo, kuzofika lapha. Futhi akudingekile ukuba ube nekhadi lakho. Kholwa nje. Buka ukuthi kwenzekani.

154 Futhi kinina phandle lapho ezethamelini, ongenalo ikhadi lomkhuleko. Bangaki abantu phakathi lapha abangenalo ikhadi lomkhuleko na? Phakamisani izandla zenu. Bukani laphaya. Manje wena ongenalo ikhadi lomkhuleko, uma lababantu lapha . . .

155 Ngizobasekela emBhalweni. Yonke into okufanele siyenze ifanele ibe ngokomBhalo, kusukela kuGenesise kuya eSambulweni. Ifanele ibe nguNkulunkulu. Njengoba ngikhulume izolo ebusuku, kufanele kube njalo "kwasekuqaleni." Niyabo? Manje, uma ungenawo umkhuleko . . . Laba lapha abanekhadi lomkhuleko, ngizobabuza imiBhalo lokho njengoba kuhlosiwe eBhayibhelini, bobabili abesilisa nabesifazane.

156 Futhi kini phandle lapho, ongenakho lokhu, i—ikhadi lomkhuleko, ukuthi angeke nibe semgqeni, kulobubusuku. Manje, ningaba nawo amakhadi omkhuleko futhi kusasa. Kodwa manje . . . Futhi uzowaqeda. Baningi, futhi sizobaqeda lapha, ngandlela thize, futhi sibakhulekele, uma nje nizobekezela. Ningajahi; niyabo, khona-ke ningena ekungqangqazeleni qobo lwenu. Niyabo? Yimani nithule nje, nithi, "Nkulunkulu, ngilapha. Uyangazi." Futhi—futhi, khona-ke, yisho lokhu.

157 Kukhona umBhalo eBhayibhelini, lapho lona wesifazane wayenomopho, futhi wedlula esixukwini sabantu ababezama ukumenza athule du. Futhi wayefuna ukuya eNkosini, iNkosi uJesu. Futhi ekugcineni wafika lapho Ayekhona, ngokuba wathi enhliziyweni yakhe, "Uma ngingathinta ingubo yaleyoNdoda, ngizosinda." Bangaki abake bayizwa leyondaba na? Manje, uJesu, ehambisana nesixuku, futhi emva kwesikhashana owesifazane waMthinta. Enhliziyweni yakhe, wacabanga. Wenzani ngaleyonkathi na? Lokho kwakungukulindela kwakhe. Ngenkathi ethinte lokho, wadlula isivimba-msindo. Kwakuyilokho-ke. Wayekhululekile. Ngoba enhliziyweni yakhe, wathi, "Ngenze khona impela engikucabangile. 'Uma ngikwenza, ngizophulukiswa.'"

158 Futhi niyakholwa, uma uJesu ezozazisa Yena uqobo kulobubusuku, nizothola into efanayo na? Kulungile. Manje kholwani nje. Kugcineni lokho enhliziyweni yenu.

159 Khona-ke waphuma, ngale ezethamelini ndawo ndawo, mhlawumpe, wase ehlala phansi. UJesu wama, wayesethi, "Ubani oNgithintile na?"

160 Futhi bathi, "Akukho muntu oKuthintile." Wonke umuntu wathi, "Asikaze. Asikaze." Wonke umuntu wakuphika. "Akukho muntu oKuthintile."

161 Futhi uPetru wathi, "Nkosi," waMkhuza, futhi wathi, "Ungayisholo ini into enjengaleyo na?" okuthile okungalendlela, "'ubani oKuthintile na?' lapho wonke umuntu eKuthinta, engqubuzana naWe na? 'Halo, Rabi! Ngiyajabula ukuhlangana naWe, Rabi! Halo, Jesu, Mprofethi waseGalile! Si—siyajabula kakhulu ukuhlangana naWe! Unjani na?' Wonke umuntu uyaKuthinta."

162 Wathi, "Lokho kungahle kube yiqiniso. Kodwa kukhona oNgithinte ngokwehlukile." Yilokho ukuthinta okufunayo. "Kukhona oNgithintile ngendlela yokuthi wedlule isivimba-msindo. Ngizwe amandla, ubuthakathaka, bufika phezu kwaMi, amandla aphuma kiMi."

163 Futhi Waqalaza. Futhi kuYe kwakuhlala uMoya kaNkulunkulu. Niyakukholwa lokho na? Futhi Waqalaza, phezu kwezethameli, waze Wamthola umuntu owayeMthintile. Futhi Wamtshela izimo zakhe, futhi washo ukuthi ukukholwa kwakhe kwakumsindisile. "Akukho mbono na?" Qhabo, Wayazi nje ukuthi ukukholwa kwakhe kwakumsindisile, ngoba wadonsa konke ukukholwa phakathi lapho, kwakukukhulu kakhulu kuye.

164 Manje, uma uJesu enguye namuhla, ubengeke Enze okufanayo na? Manje, uzokwazi kanjani ukuthi nguYe na? Niyabo, manje, uzofanele uzithobe.

Manje lapha yilapho engizofanele ngibheke Kokungabonwayo.

Ungowokuqala na? Kukuphi na?

165 Ubani ose. . . obambe umugqa na? Wena, Mfowethu Neville na? O, uBilly. Kulungile.

166 Ungumuntu wokuqala na? Kulungile. Manje ungahamba nje amanyathelo ambalwa usondele, uma uthanda, mnumzane.

167 Nansi indoda enginayo. . . ngiyakholwa uthe asazani, ngakho-ke lokhu ukuhlangana kwethu kokuqala. Ngiyazi kanjani leyondoda na? Angiyazi. UNkulunkulu uyazi, ngokwazi kwami—ngokwazi kwami, angikaze ngiyibone empilweni yami. Naso isihambi ngokuphelele.

168 Manje, ngishilo ukuthi uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. Manje, lokho ngukusekela ekukholweni okuningi. Uma lokho kungenjalo, khona-ke ngitholwa ngingumzenzisi, neBhayibheli lingamanga. Manje, yini okufanele ngiyenze manje na? Ubheka entweni ethize yobuhlakani na? Ngingakwenza kanjani na? Ngizofanele ngibheke Kokungabonwayo. Kodwa ngikwenzelani na? Wakwethembisa. Nakho lapho okhona. Manje, *wena* wenza okufanayo, futhi *nawe* wenza okufanayo. Nonke nenza okufanayo. Angeke kwehluleke. Ngingehluleka, ungehluleka, kodwa uNkulunkulu angeke ahluleke.

169 Manje nanka amadoda amabili, ehlangane okokuqala empilweni yawo. Manje, ngakho-ke, ukuze ngithathe isikhathi sami.

170 Manje, lena yinkundla yangokomBhalo. Kwakukhona indoda eyahamba futhi yathola indoda, futhi yayiletha ebandleni, noma lapho uJesu ayekhona, futhi igama layo lalinguNathanayeli. UJesu wayengakaze ambone. Ngakho-ke lapho ikhuphukela kuJesu, uJesu wathi, "Bheka um-Israyeli okungekho nkohliso kuye."

171 Uma bengingasho lokho ukuze nazi ukuthi bengithini, bengizothi, "Nanso indoda ethembekile, ikholwa elingumKristu." Bebezothi. . .

172 "Ngani," wathi, "Rabi, ngani, Awukaze ungibone empilweni yaKho. Ungazi kanjani na? Waze kanjani na?" Manje, hhayi ngendlela Ayegqoke ngayo, ngoba bonke abaseMpumalanga babegqoka ngokufanayo. Wayengaba ngumGreki. Wayengaba ngowaseGibhithe. Wa—wayengaba yizinto eziningi.

173 Kodwa uJesu wathi, "Ungum-Israyeli. Futhi uthembekile, futhi akukho nkohliso kuye."

Wathi, "Ukwaze kanjani na?"

174 Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, ngenkathi ungaphansi kwesihlahla, Ngakubona." Lowo kwakunguJesu izolo.

175 Uma Enguye namuhla, futhi ehlala kithi, lapho Ethembisa ukuthi Uzokwenza, futhi uzokwazisa kulendoda. Ingahle ibe lapha ngenxa yezinkathazo yezezimali. Ingahle ibe yindoda

efayo. Ingahle abe yindoda yesono. Ingahle abe yindoda yokulunga. Angazi. Angeke nginitshele, kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Manje-ke, uma Ezozazisa Yena uqobo lapha, ukuthi uJesu uyaphila, futhi uzotshela indoda, khona-ke mayibe ngumahluleli noma ngabe kulungile noma qha. Futhi khona-ke lokho kunenza nonke niMkholwe na? ukuthi Uyabonakala lapha. Lobo ngubuYena baKhe. Manje, Angeke aZibonakalise emzimbeni wenyama. NguMoya waKhe.

176 Manje, Wavumela isithombe saKhe ukuba sithathwe lapho, niyakubona lokho, izwe lesayense elinakho eWashington, DC. INgelosi efanayo kaNkulunkulu, iNsika yoMlilo efanayo, Eyayihlala kuJesu, yenza into efanayo ku—kuFiliphu, noma uNathanayeli. UJesu ofanayo wethembisa ukuza futhi ahlale kithi, futhi enze imisebenzi efanayo. Wonke umuntu uyakuqonda kahle manje na? Kulungile.

177 Manje, Nkosi, makwazeke ukuthi Wena unguNkulunkulu, nokuthi siyizinceku zaKho. Khona-ke, Uyasithanda. Futhi Ufuna lababantu ukuba baKukholwe, nokuthi bedlule zonke izithiyo zesono ezweni, ukuze basindiswe futhi baphulukiswe ngenxa yenkazimulo yaKho. Amen.

178 Manje, ukusho nje njengoba kwenza uPetru esangweni elithiwa Lihle, endodeni eyayiyisishosha kwasesizalweni sikanina, wathi, "Sibheke." Lokho nje kwakuwuku—kukholwa, ukumthola a . . . ukunaka kwakhe, ukubamba ukunaka kwakhe.

179 Njengoba iNkosi yethu yenza kowesifazane emthonjeni. Wambamba futhi wabamba ingxoxo yakhe. Wathi, "Ngiphuzise amanzi." Niyabo, baqhubeka, bekhuluma.

180 Manje, uma ngingakwazi, uyindoda nje ebiphandle lapho ezithamelini. Futhi uma ngingakwazi, futhi iNkosi izongichazela into ethile oyenzile empilweni yakho, noma lokho okufisayo, izimali, impilo, noma ngabe kuyini, futhi izokwenza ngeqiniso nangokucacile, khona-ke uzokholwa ukuthi Ulapha ukukunika lokho okucelayo. Uzokwenza lokho na? [Umfowethu uthi, "Amen. Impela ngizokwenza."—Umhl.] Kulungile.

181 Inhlonipho yokuzithoba manje. Manje yibani semkhulekweni nje, aze uMoya oNgcwele aqale ukuhlala kithi.

182 Yebo. Ngiyayibona lendoda. Futhi i . . . ngibona umuntu omncane emile eduze, usembuzweni wokuthi, noma ufuna ukukhulekelwa. [Umfowethu uthi, "Yebo."—Umhl.] Ngomunye umuntu ofuna akhulekelwe. ["Yebo."] Leyo yi—yintombazane, intombazanyana. Futhi awusuye owakulelizwe. ["O Jesu!"] Uvela eduze ne—nechibi elikhulu, ndawo ndawo. Yi, uvela edolobheni eliseduze nedolobha elikhulu elinebhilidi eliyindingilizi phezulu idomi. YiBuffalo, eNew York. Useduze kwaseBuffalo, eNew York. ["Kunjalo."] Unebhiphi. Yilokho okungalungile ngawe. Kodwa ukhulekela lomntwana. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? ["Ngokoqobo."]

UnguMnu. Holden. Lelo igama lakho. [“Yilo.”] Buyela emuva futhi wemukele lokho obukucelile. Beka leloduku kuye, kuzokwedlula ngakho . . . ? . . .

183 Niyakholwa ukuthi uJesu Kristu uyaphila na? Kuyini na? Okungabonwayo kuba ngokubonakalayo. Yini lena na? UJesu ofanayo, izithelo ezifanayo, izibonakaliso ezifanayo, into efanayo Ayenza.

184 Manje nangu owesifazane, olandelayo. Ngikhuluma kuye njengoba Enza kowesifazane emthonjeni. Ngabe siyizihambi komunye nomunye na? [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Siyizo. Ukuze abantu bezokwazi, ngaphandle, vele—vele uphakamisele isandla sakho phezulu. [“Kunjalo.”] Ngakho-ke lokhu ukuhlangana kwethu kokuqala. Sixakile komunye nomunye.

185 Manje, angazi ukuthi indoda ibinani emizuzwini embalwa edlule, kodwa, noma ngabe bekuyini, angihlanganisanga lutho ngokuphulukiswa kwayo. UNkulunkulu ukwenzile lokho. Ukukholwa kwakhe kukwenzile lokho. Angihlanganisanga lutho nakho. Yisiphiwo nje.

186 Ngokuba, kulesisakhiwo manje, uhlobo olufanayo nje lweziNgelosi uGehazi azibona ngenkathi u-Elisha evula amehlo akhe. Kulesisakhiwo kukhona iNkosi uJesu. Ngakho-ke, ungabheki lokho okubonayo. Bheka kulokho ongakuboni. Ngoba, yisethembiso sikaNkulunkulu ukuthi uNkulunkulu wathi Uyokwenza lokhu, futhi Uyakwenza.

187 Manje, Ukhulume nowesifazane umzuzu nje, waze Wathola ukuthi yayiyini inkathazo yakhe. Futhi yileyondlela engithanda ukwenza ngayo kini, ngoba Uhlala efana. Uma ngiyisihambi, futhi ngingakwazi, khona-ke Uzo . . . Kuzofanele kube yindlela ethize, enye engaphezu kwemvelo, indlela ethize, ukuxhumana nawe. Ubungakukholwa ukuthi bekuyiNkosi yenu ingivumela ukuba ngenze lokho na?

188 Manje, uma ufuna ukwazi, bekukhona into eyenzekile esakhiweni nje ngaleyonkathi, ukuphulukiswa. Yinenekazi elihlezi lapha, khona lapha phandle ezethamelini, uhlobo lwenenekazi eliqatha. Liphakamise izandla zalo, namehlo alo evaliwe, likhuleka. Linenkathazo yethumbu nenkathazo yeqolo, futhi likhuleka kuNkulunkulu ukuba aliphulukise. Lihlezi khona lapha, lifake izibuko, ligqoke isudu emnyama, ekugcineni kwalomugqa.

189 Wena ophakamise izandla zakho, yilokho obekungalungile ngawe. Uma lokho kunjalo, phakamisa izandla zakho kanjalo. Angikwazi, ngiyakwazi na? Qhabo, mnumzane. Siyizihambi. Hamba uye ekhaya manje. Uthinte umphetho wengubo yaKhe. UMthintile, ngoba ngiqhele ngamafidi angamashumi amabili kuwe. Kodwa uMthintile, umPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu.

190 Manje, nina nonke. Kukhona inenekazi elingenalo ikhadi, elingenalutho, lihlezi nje lapho lilindile. Nawe yenza okufanayo. Abanye . . .

191 Ungunkosikazi wendoda ebikade ilapha nje, ngoba ngiyanibona nobabili endlini efanayo. Futhi uhlushwa yisimo sokukwethuka. Futhi, ngiyabona ubukade ukudokotela futhi ube nokuxilongwa, futhi ukuxilongwa bekusezingxenyeni eziphansi. Futhi uyasho, ngokubuka, "Kuthi yizimila." Futhi lokho kusesisiswini nasezithweni zowesifazane, futhi ufuna ukuthi kuhlinzwe. [Udade uthi, "Kunjalo."—Umhl.] Kodwa ube nokukholwa, futhi uyakholwa uma ubungeza lapha futhi bengizokukhulekela, uzophulukiswa. Uma lokho kunjalo, phakamisa izandla zakho, abantu bezobona.

192 Manje, Lowo Omaziyo lapha, nowazi izimo, Angakwenza na?

Woza lapha.

193 Nkosi Jesu, yipha, O Nkulunkulu, ukuthi ukukholwa kwakhe nenjabulo kuzogcwaliswa, kulobubusuku, ukuthi uzokhululwa ngokuphelele, futhi kulethwe injabulo nensindiso kulabo athintana nabo. Ngimthumile . . . futhi ngilahla lobububi kuye, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

194 Uzwa wehlukilr manje. Qhubeka nje uzizwe kanjalo, futhi ujabule, kuzokushiya unomphela, kuze kube phakade.

195 Unjani? Yibani nenhlonipho yokuzithoba ngempela, umzuzwana nje. Ngokwazi kwami, ukuhlangana kwethu kokuqala. Kodwa uNkulunkulu uyasazi sobabili. Uyazi ngawe futhi Uyazi ngami. Futhi uma Ezongembulela ukuthi yini oyizele lapha, noma into ethile oyenzile, obungafanele uyenze, noma into ethile obufanele uyenze, ongayenzanga; kodwa uyazi ukuthi anginamqondo ukuthi uzele ini lapha. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Kodwa kuyoba, kufanele kuze ngokubona okufihlakeleyo okungaphezu kwemvelo. Ngijabula kakhulu ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade.

196 Awuziceleli umkhuleko ngesingawe, nakuba uwudinga. Ucelela indodana yakho. Nendodana yakho ayikho lapha. Isedolobheni elibanzi, idolobha elikhulu, futhi liseMpumalanga. [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Kade ngilapho. Umkhankaso wami wokugcina wawulapho, ePhiladelphia. Kunjalo. Ingumshumayeli. ["Yebo."] Futhi bazohlinza kuyo. Futhi bayayixilonga ngenxa ye—yesibhono. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Uyabo? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokwenza lokho oMcela ukuba akwenze na? ["Yebo. Yebo, ngiyakholwa. Yebo, ngikholwa ngempela ukuthi Uzokwenza."]

197 O Nkulunkulu waPhakade, qinisa ukukholwa kowesifazane ngesibonakaliso nesimangaliso. Nikeza ukukhululwa kwalokhu akucelayo. NgeGama likaJesu Kristu ngiyakucela. Amen.

Kwangathi uNkulunkulu angakunika lokho okucelile.

Futhi hloniphani ngokuzithoba.

198 Inenekazi elincane eliphakamisele iduku lalo ekhaleni lalo, likhulekela inkathazo ngekhanda lalo. Uyakholwa ukuthi iNkosi uJesu iyakuphulukisa na? Inenekazi elihlezi khona lapha eduze kwendoda efake izibuko. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa, nenekazi elincane eligqoke ingubo ebukeka iluhlaza-sasibhakabhaka na? Phakamisa isandla sakho uma kuyilokho obekungalungile. Hamba futhi uphulukiswe. Ukukholwa kwakho kuyakuphilisa.

199 Uyakholwa ukuthi uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ubengambula kimi ukuthi uzele ini lapha na? Unezinto eziningi ezingalungile ngawe; unokwethuka kakhulu, izifo ezilakanyanayo, inkathazo yabesifazane, inkathazo yamanenekazi, ukwahluleka cishe impela, isimo esibi. Awuyena owakulelidolobha. Nokho, ungowase-Indiana, e-Lafayette. Nkk. Elison, buyela. Ukugula kwakho sekukushiyile. Hamba uye ekhaya futhi ukhombise lokho uNkulunkulu akwenzele khona. Amen.

200 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini oyizele lapha na? Uma Ezokwenza, uzoMkholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Awuzile ngesingawe. Ulapha ngenxa yaleyongane. Uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi yini engalungile ngaleyongane, uzongikholwa na? Yisigaxa segazi. Lokho kunjalo, akunjalo na? Uyakholwa, uma ngizocela uNkulunkulu ukuba akukhiphe lokho enganeni, ingane izophila na?

201 Khothamisani amakhanda enu. Manje, ingane incane kakhulu ukuthi ingaba nokukholwa. Niyabo?

202 O Nkosi Nkulunkulu, baletha kuWe izinsana, futhi Wazibusisa. Futhi lowoJesu ofanayo umi ekhona manje.

203 Ngiyamlahla lodeveli ozama ukuthatha impilo yalomntwana owusana. Kuyeke, Sathane. EGameni likaJesu Kristu, phuma enganeni.

204 Manje kuthathe. Ungabi ngongakukholwa. Into izoyiyeka ingane. Yiba nokukholwa.

205 Babayi, uhlezi lapho ukhothamise ikhanda lakho, naleyonkathazo yenyongo. Angikwazi, kodwa Uyakwazi. Uhlushwa ukuhlaselwa yinyongo. Futhi unengcindezi enkulu esifubeni sakho. Uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Khona-ke hamba uye ekhaya, usuka kulomhlangano, futhi ungaphinde uhlupheke ngakho futhi. Sinda, eGameni leNkosi uJesu.

206 Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uma uNkulunkulu ezongitshela inkathazo yakho, uzokholwa ngenhliziyo yakho yonke na?

207 Manje, kunento eyenzekayo esakhiweni. Qhubekani nje nikholwe. Kodwa kukhona into ezayo, enamandla, enamandla kakhulu. Kukhona owesifazane oyikhaladi omile eceleni kwalelinenekazi. Ulokhu efiphala nje. Ngibona owesifazane oyikhaladi. Uhlezi khona *lapha* emuva. Unesifo samathambo nezifo ezilakanyanayo. Uhlezi eduze kukaNkk. Bell ngqo lapho. Ufake isigqoko esimnyama. Angimazi. Kodwa, dadewethu, uma uzokholwa uNkulunkulu ngendlela oMthembise ngayo ukuthi ubuzoMkholwa, kuzodlula.

208 Manje, ukuze uzokwazi ukuthi lona nguMoya kaNkulunkulu. Umugqa olandelayo, emva kowesifazane, indoda ehlezi lapho enenkathazo ngentamo yayo. Uma uzokholwa, mnumzane, uNkulunkulu uzokuphilisa uma uzokukholwa. Uyakukholwa na? Phakamisa isandla sakho. Ngiyisihambi kuwe, kodwa Yena akasiso.

209 Niyabo, noma ngabe ukuphi, yibani nokukholwa nje kuNkulunkulu. Ningasedlula lesosithiyo sokungakholwa manje na? Ningawuvumela uMoya oNgcwele ungene ngqo manje futhi ulawule na? Uma ningakwazi, kungenzeka.

210 Lesosifo sikashukela sizokushiya, uma uzokukholwa. Hamba ngendlela yakho futhi ujabule.

211 Ucabangani ngakho na? UnguMnduze wesiGodi, iNkanyezi yoKusa.

212 Uma uzokholwa kulesosimo sokuntuleka kwegazi emzimbeni, sizokuyeka. Uyakukholwa na? [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Hamba ngendlela yakho, uthokoze, khona-ke.

213 Niyakholwa na? Asikholwe ngayo yonke inhliziyo yethu.

214 Uma ukholwa, hamba udle isidlo sakho sakusihlwa. Leso silonda esisethunjini ebesikade sisesiswini sakho sesikuyekile. Hamba, udle, futhi ukholwe.

215 Uma ukholwa, angeke udingeke ufe. Lowo mdlavuza ukuyekile. Uyakukholwa na? Hamba futhi ujabule.

216 Bangaki okholwayo ngenhliziyo yakho yonke na? Yimani ngezinyawo zenu manje. Yimani ngezinyawo zenu, ngokushesha nje. Phakamisani izandla zenu, kulungile, futhi kuNkulunkulu.

217 Manje, nganhliziyonye, dlulani zonke izithiyo. Kholwani ukuthi uNkulunkulu ulapha, futhi ukugula nezifo kuyakuhamba. Wonke umuntu, khulekani ngendlela engeyenu uqobo.

218 O Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamazulu nomhlaba, manje ngiletha lokhu kuwe, lezi zethameli zabantu. Ngiyamlahla udeveli. Ngiyasho ukuthi uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ukhona. EGameni leNkosi uJesu, makuthi wonke umoya ongcolile wokungabaza, inkoloze, ukungakholwa, nesono, kuphume kulesisakhiwo.

Phuma, Sathane. Ngiyakuyala ngoJesu iNdodana kaNkulunkulu.

219 Ngamunye wenu bekani izandla zenu phezu komunye nomunye manje, futhi nikhulekelane, yonke indawo esakhiweni, futhi uNkulunkulu uzonisindisa. Kukholweni ngenhliziyo yenu yonke. Bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, qalani ukukhulekelana. Yilokho-ke. Yileyondlela.

220 Bonke abakholwayo ukuthi niphilisiwe, phakamisani izandla zenu futhi nidumise uNkulunkulu.

Kulungile, Mfowethu Neville.

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

Voice Of God Recordings
P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.
www.branham.org